# UNyaka weJubili

Sanibonani kusihlwa, bangani. Ngiyajabula ukuba lapha kulobubusuku futhi—futhi ngibe nalokho kwamukelwa okuhle kwangempela, wonke umuntu efuna uku—ukungena. Kungenza ngizizwe ngikahle kakhulu.

2 A—angizange ngibe nethuba elingaka lokukhuluma, noma ukufundisisa, noma noma yini, ngoba zonke izinkonzo zami bezingukuphulukiswa. Ngakho, ngiyathanda nje ukukhuluma. Wonke umuntu uyakwazi lokho. Ngiqagele ngi . . . Umama wathi ngakhuluma ngaphambi kokuba ngihambe. Niyazi ukuthi isisho esidala sithini ngalokho. Ngakho ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi uNkulunkulu uguqule inhliziyo yami, ukuthi inkulumo iphathelene naYe. Niyabo? Futhi ngifuna nje ukufa ngikhuluma ngaYe, ngicula izindumiso zaKhe futhi ngenza lokho engicabanga ukuthi kulungile.

3 Asinaso isikhathi esiningi kakhulu, ngoba sinenkonzo yesidlo kulobu busuku. NgoLwesithathu ebusuku kuzoba inkonzo yokufundisa, lapho esizofundisa khona, uma iNkosi ithanda.

4 Manje, kulobubusuku, okwesikhathi esifushane nje, imizuzu embalwa, iNkosi ithanda, ngifisa uku . . . Kuthi ukungalindeleki kancane, niyazi, ngoba kuhlale njalo . . . Ngikholwa ukuthi iBhayibheli lathi, "Uqinise kuyisikhathi noma kungesiso. Zimisele ukunikeza, noma, ulungele ukunikeza impendulo yethemba elingaphakathi kwakho." Futhi ngakho uma ngingafakaza ethembeni elilele ngaphakathi kimi, awu, kuyoba isibusiso kimi ukuba nginitshele, futhi ngithemba ukuthi kuyoba isibusiso kini ukuba nikwemukele, futhi nazi ukuthi ngokukholwa kwenu kuhambelana nento efanayo. Futhi into efanayo ekimi, ilele kini, futhi siyizakhamuzi zandawonye zoMbuso kaNkulunkulu.

5 Ngijabulile ukuzwa ngalezi zimvuselelo manje, isebandleni leMethodisti eNew Albany. Futhi angiyitholanga leyo mayelana neLouisville, kodwa mhlasimbe nikutholile, leyo uMfowethu Fleeman asanda kusitshela yona. Wena oseduze nalezo zimvuselelo, zithameleni. Phuma futhi nivumele ukuba nimelelwe nabantwana bakaNkulunkulu, ukukhombisa ukuthi yiluphi uhlangothi esikulo. Sisohlangothini lweNkosi, futhi sifuna ukumelelwa nabantu baYo.

6 Manje, ngoLwesithathu ebusuku, njengoba uMfowethu Neville eshilo, enkonzweni yokufundisa. Ngicabanga ukuthi banohlobo kweklasi lokufundisa, aninjalo, Mfowethu Neville na? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Lokho kuhle kakhulu.

7 Ukufundisa iZwi njalo kugcina iBandla lakhekile. Siphila . . . "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Futhi kulokhu ukusa besikhuluma ngokuthi leloZwi lalingahlukeki kanjani, ukuthi laLidingeka lifezeke kanjani.

8 Futhi ngemva kokuba babecula, ngacabanga, "Awu, ngizokhuluma ngani na?" Futhi kwenzeka ngacabanga, "Kwathi, 'Bonke abangcwele bayoba noPhawu ebunzini labo.'" Niyabo? Uma sifika ngapho, bonke abangcwele bayoba noPhawu ebunzini labo.

9 Futhi ngacabanga, kulobubusuku, ngizofunda intwanyana encane yomBhalo eBhayibhelini, lapha ndawo ndawo, futhi, ngale emaVangelini. Futhi uJesu, emva kokuba Eseqedile inkulumo, Wathi, "Namuhla, ukuthi, lamazwi li*gcwalisekile*."

10 Manje, uKristu, ekuqaleni kwaKhe, kokuqala kwenkonzo yaKhe; wazalwa, kusobala, emhlabeni, iNdodana kaNkulunkulu. Wazalwa, uJesu iNkosi, bese kuthi-ke emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili, zokusokwa kwaKhe, Wanikwa, manje, Wazalwa, uKristu iNkosi, njalo, futhi wanikwa iGama likaJesu. U*Jesu* kwakuyi "Gama laKhe alinikeziwe." U*Kristu* kwakuyi "siqu saKhe" salokho Ayeyikho. WayenguKristu, oGcotshiweyo kaNkulunkulu, ngenkathi Ezalwa.

11 Futhi manje, ngokwazi ukuthi inkonzo yesidlo ivame ukuthatha isikhathi eside kancanyanyana, futhi angifuni ukukhuluma isikhathi eside kakhulu, kodwa nje okwanele ukwenzela okuhle, lokho esizwa ukuthi uMoya kaNkulunkulu ekuletha phakathi kwethu, ukuze sibe nezi—zinkonzo.

12 Manje khumbulani zonke ezinye izinkonzo ezimenyezeliwe, izimvuselelo ndawo zonke, abagulayo nabaswele. Usanda kukhuluma kimi ngakho, uye wavakashela ikhaya esikhashaneni esedlule, lapho umfana, obanjwe idemoni, futhi efuna ukukhululwa. Manje, iBhayibheli lathi ngathi ukuba—ukuba sibuthane ndawonye futhi sikhulekele laba bantu.

13 Niyazi, khona-ke, kukhona inenekazi e—elincane elibizwa ngoGeorgie Carter elaphiliswa, ngombono, o, eminyakeni eminingi edlule. Futhi wasuswa embhedeni wokuhlushwa yiTB; wayekade elele lapho iminyaka eyisishiyagalombili nezinyanga eziyisishiyagalolunye, wayengakaze ngisho avuswe embhedeni. Futhi ngangi . . . ngehla ukuyomkhulekela. Futhi mina . . . Niyayazi indaba, ukuthi ubaba nomama babengakholelwa kanjani ekuphulukisweni ngokukaNkulunkulu, futhi ngangingemukelekile kakhulu. Futhi intombazane yayifuna ukuphulukiswa.

14 Khona-ke ngolunye usuku, ngale kwaMfowethu Wright, ngangingapho ngine—nenkonzo yombhaphathizo, futhi intombazane yayifuna ukubhaphathizwa. Futhi

yayingenakukwazi ukuphuma embhedeni, kusobala. Yayikade ingekho ngaphandle iminyaka eyisishiyagalombili noma eyisishiyagalolunye.

15 Futhi ngangikade ngikhuleka ngale ehlane, noma emahlathini. Futhi uDadewethu Wright washaya insimbi ukuba thina size esidlweni sakusihlwa. Futhi ngangikhuleka *kakhulu*, noBukhona beNkosi yethu uJesu buseduze kakhulu, ngaze ngangayiqaphela insimbi ikhala. Futhi kuqala ukuya ngasebumnyameni. Futhi ngabona ukuKhanya kukhanya ezansi ngasehlashaneni lembali idogwood, ngase ngithi, "Hamba ngasendleleni yabakwaCarter."

16 Mfowethu Wright, wawunami. [UMfowethu George Wright uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Futhi lapho sesifike lapho, ncamashi nje indlela umbono owawusho ngayo, lokho indlela okwenzeka ngayo. Futhi uGeorgie waphulukiswa khona manjalo, esuka ekuhluphekeni iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili, ngaphandle kokusuka embhedeni. Futhi akazange abuyele embhedeni, ngokwazi kwami konke, ngaphandle kokuthi uke waba nomkhuhlane omubi noma okuthile, kuze kube manje.

17 Futhi ngiyaqonda ukuthi ugula kabi kabi. Ngenkathi sasinomhlangano ezansi kwaMfowethu Wright lapha, ngaphambi kokuba ngihambe ngiye ngaphesheya kwezilwandle, intombazane yayisenhla lapho. Futhi nganginga . . . Ngatshela uMfowethu Wright, ngemva kokuba isihambile, into ethize eMoyeni weNkosi yayilokhu ingicindezela ukuba ngiye kuGeorgie. Futhi manje ngiyezwa ukuthi usesigabeni sokugcina somdlavuza ebeleni. Futhi usezidelile, ukuba afe, futhi ubezoqhubeka futhi amukele ukufa kwakhe.

18 Futhi wathi uzwile ukuthi ngiyabuya, futhi, mayibusiswe inhliziyo yakhe encane, uvukile embhedeni, futhi wathi . . . ngikholwa ukuthi uzophulukiswa manje. Ngakho-ke lokho ngukukholwa okuningi, ngi . . . ukukholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzoyizwa imikhuleko yabafayo. Ngakho ngi—ngi—ngiyamthanda uGeorgia, njengodadewethu. Futhi ngifuna nina ningijoyine ngomkhuleko, ukuthi uNkulunkulu uzosindisa impilo yakhe. Ngi . . . uma nje Ezongitshela ukuthi ngithini manje uma sengifika lapho.

19 Abaningi kakhulu abanye. UMnu. Wiseheart, uMfowethu Jim Wiseheart owayevamise ukuza lapha, umfana kamfowabo ungaleya esibhedlela. Usanda kushaya ucingo nje, nesifo sokuvuvukala kwendlala. Lokho kubi kakhulu kunomdlavuza, niyazi.

20 Futhi sibe nodaba lwalokho kuphulukiswa, khona lapha etabernakele, maduzane. Niyakhumbula, intombazane encane, udokotela uyinikeza izinsuku ezingamashumi amathathu iphila; yayingumfundi wasesikoleni esiphakeme lapha. Futhi

unina uyakhuphuka futhi wanikela impilo yakhe kuKristu futhi wabhaphathizwa, kanye nentombazane, futhi. Futhi bathi, "Yifihleleni, ningayazisi ukuthi ukufa kuphezu kwayo." Futhi ngaphambi kwalokho, yehla ngomugqa lapha, ngalokho kusa, uMoya oNgcwele wayibamba, wazi ukuthi yayenzeni, nokunye nokunye. Futhi yaphulukiswa ngaso leso sikhathi, baze bangakwazi ngisho ukuthola indawo yakho. Futhi bekumayelana nalokho eminyakeni emibili noma emithathu eyedlule. Futhi ngahlangana nentombazane, cishe unyaka odlule. Ngicabanga ukuthi isishadile manje futhi yenza kahle nje, ayikaze ibone okunye kwakho.

21 Manje, uNkulunkulu angaphilisa isifo sokuvuvuka kwezindlala. Akwenzi nayimuphi umehluko. "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho." Ngakho masikhulume kuYe, kancanyana, ngenxa ye . . . ekumeleleni abagulayo, nangokwenkonzo eqhubekayo.

22 Manje, Baba waseZulwini onomusa, njengoba sibuthene lapha kulendawo encane ethandekayo, mhlawumbe ayikho kakhulu kakhulu emehlweni, ukuyibuka, kodwa, Baba, sizizwela kakhulu ekhaya lapha, nje ukwazi ukuthi Usibusisile izikhathi eziningi kakhulu. Sizizwela, kulendawo encane, njengoJakobe, ngalobobusuku, emva kokubalekela umfowabo; waba nombono, ebona iziNgelosi zikaNkulunkulu zikhuphuka futhi zehla ngelada; zagingqa amatshe ndawonye, futhi zathi, "Lena yindlu yeNkosi." Baba, ngikhuleka ukuthi Uzobusisa laba ababuthene lapha endlini yeNkosi, kulobubusuku, eBethel.

23 Yizwa imikhuleko yethu ngalaba abagulayo; leyonsizwa ekhwelwe idemoni evakashele umfowethu.

24 Futhi sikhulekela uGeorgie omncane, Nkosi. Nkulunkulu, ungakuvumeli ukufa kumgwinye. Wamsindisa, ishumi nambili, iminyaka eyishumi nane manje, futhi ngikhulekela ukuthi Uzoqhubeka. Wena Ongakhipha iTB ngqo kuye, ungasusa umdlavuza kuye. Wena unguNkulunkulu. Futhi siyaKuthanda, Baba, futhi sicela lokhu ngokukholwa okungantengantengi.

25 Futhi lapho esibhedlela, leyo nsizwa, isosha eliselincane lilele lapho, lifa, onke amathemba engasekho. Kodwa, Baba, kwakukulolohlobo lwehora, lapho Wakhuluma noPawulu, wathi, "Yima isibindi, Pawulu." Khuluma futhi, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosindisa impilo yomfana. Siphe khona. Kwangathi angangafa, Nkosi. Kwangathi angaphila, ukuze inkazimulo kaNkulunkulu ivezwe empilweni yakhe.

26 Sisize, kulobubusuku, manje enkonzweni. Sixolele ngezono zethu. Singazi igama elilodwa ukuba silisho, sinikela zonke izinto kuWe, bese kuthi-ke sicele ukuthi inkazimulo ibe naWe, ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

27 Manje, ngithanda nje ukukhuluma ngaLowo esimkhonzayo lapha, iNkosi uJesu. Muhle kakhulu kithi, futhi sonke

siyaMthanda. Ngiqinisekile, kulobubusuku, bekuyoba ngukujula okukhulu kunakho konke kwezinhliziyo zethu, ukuqonda ukuthi Ubephakathi kwethu, uma kuphela singaMbona. Kodwa Ulapha, ngizokuqinisekisa kuwe lokho. Ukuthi uMoya waKhe ogcwalisa umhlaba, ulwandle, nesibhakabhaka, ukulelihholo elikhulu lapha kanye nathi kulobubusuku. Futhi Yena—Yena, thina . . . Izindumiso zethu iyamukeleka emehlweni aKhe, futhi Uthanda ukukhonzwa.

28 Manje ngemibono embalwa eyisisekelo, ngokuthi kungani silapha. Indlu kaNkulunkulu iyindlu yokulungiswa. Umthetho uyaphuma uvela endlini kaNkulunkulu.

29 Futhi ngicabanga ukuthi, esikhathini esiphila kuso, futhi ikakhulukazi kulamahora amnyama agcwele amathunzi, ngemva kokuhamba futhi ngibhekisisa zonke izizwe, kunethemba elilodwa kuphela engingalibona elisele, futhi lokho ngukuFika kwesibili kweNkosi uJesu. Futhi Uqinisekile nje ukuba afike, njengoba Wayelapha okokuqala. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, ngayo yonke impilo yami.

30 Ngokuba, iZwi laKhe, njengoba sibonile kulokhu ukusa, lifanele ligcwaliseke. Ngumcabango kaNkulunkulu ubonakalisiwe ngeZwi laKhe, futhi walethwa eqinisweni. Sibe nendaba kulokhu ukusa, uma abanye bezihambi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Manje, iZwi lalikhona ekuqaleni. Kodwa ngaphambi kokuba Libe yiZwi; i—iZwi lingumcabango oveziwe. UNkulunkulu wadingeka AKucabange ngaphambi kokuba aKwenze iZwi. Khona-ke Wakhuluma iZwi, futhi Laba yinto ephathekayo.

31 Manje, Ofanayo owathumela iNkosi uJesu lapha, ngeZwi laKhe elikhulunyiwe, Laba yinto ephathekayo futhi laba yiNdodana kaNkulunkulu; wafa, njengongenacala ngenxa yonecala, ukuba asihlenge sibuyele enhlanganyelweni kuNkulunkulu. Ukuze thina, esake sahlukaniswa kuNkulunkulu, manje singasondezwa kuNkulunkulu, ngomnikelo weGazi leNdodana kaNkulunkulu elungileyo. Ngokuqinisekile impela nje njengoba uJesu efika okokuqala, njengoMhlengi, Uza okwesibili njengoMyeni. U—U—Uyeza.

32 Futhi, nakuba, izikhathi eziningi sicabanga ukuthi, "Awu, i . . . O, sekube isikhathi eside. Futhi sicabange lokhu iminyaka." Yilokho abakucabanga ngaphambi kokuFika kwaKhe kokuqala. Futhi babophezelekile ukucabanga into efanayo ngokuFika kwesibili. Isizathu, iBhayibheli lasho ukuthi bayothi, "Akukho mehluko kunasesikhathini obaba bethu abalala ngaso." Kodwa kungehora ongalicabangi, kuzokwenzeka. Manje kusifanele . . .

33 EMelika, njengamaKristu angamaMelika, uNkulunkulu uzodinga okuningi ezandleni zethu, ngoba sinokuKhanya kweVangeli kweqiniso futhi siyehluleka ukuKusebenzisa

njengoba sifanele sikwenze. Ngakho, kulobubusuku, ngifuna ukukhuluma kumKristu, mayelana nokuthi ungasidabukisa usixoshe kanjani isikhathi sokuphenduka sakho; nokuthi ungabekwa kanjani uphawu ngokuphelele ngaphandle, ungenangxenye noKristu, ngokwenza ukukhetha okungafanele.

34 Manje, lezi zinto zimahhadlahhadla kancanyana. Kodwa kufanele kube mahhadlahhadla, kanje ngesikhashana, ukuba—ukuba kusenze sithakasele iNkosi uJesu.

35 Umfowethu uhlangane nami, namuhla, lapho bengisaphuma, futhi wathi, "Mfowethu Branham . . ." Izinkathazo zezimali zithwese umthwalo inhliziyo yakhe. Wathi, "Ngemva kokuzwa ngabantu abampofu eNdiya, nokunye nokunye," wathi, "kodwa nokho ngaso sonke isikhathi . . ." Wathi, "Ngiphile saka, futhi, kodwa yonke into ihlala njalo ingishaya ingilahle phansi."

36 Ngathi, "'Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ijeziswe nguNkulunkulu.'"

37 Sonke, simele nje sivivinywe; ukubhaxabula kukaNkulunkulu kubekwe phezu kwethu, kubonakala sengathi ongenacala. UNkulunkulu wenza lokho ukufakazisa ukuthi singamadodana. "Labo abangenakumela ukuyalwa ungabantwana besihlahla," noma akusiwo amadodana eqiniso kaNkulunkulu. Kodwa leyondoda noma owesifazane ongama futhi bathathe ukubhaxabulwa, futhi konke kungahambi kahle, noma kunjalo ubuka phezulu bese ethi, "Nkosi, ngiyaKuthanda," yilowo-ke. Lokho ngukuthi, "O—okhuthazelayo kuze kube sekupheleni, lowo uyakusindiswa." Manje, ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

38 "Futhi ngokwazi lokhu, ukuthi ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela; ukukhuthazela kuveza ithemba; ithemba alijabhisi." Nakho lapho okhona. Niyabo? "Ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela." Khuthazela. "Futhi ithemba alijabhisi." Futhi singabanethemba, kulobubusuku. Kukho konke ukuhlupheka kwethu, nokho, kuyasebenza. Ukuhlupheka kusenza sikhuthazele, silinde ukuFika kweNkosi.

39 "Lapho Izokwembulwa ivela eZulwini okwesibili, enkazimulweni nobukhosi, ulwandle luyokhipha abafile balo. Imizimba ebhubhayo yalabo abalele, kuYe, iyoguqulwa futhi ifaniswe nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, lapho akwazi khona ukunqoba zonke izinto kuYe uqobo." Futhi esiyikho, kulobubusuku, kodwa ukuba ngajabulayo, amaKristu athokozayo, abheke lolo suku olukhulu lokuFika kweNkosi.

UJesu, lapha, ekhuluma futhi eZwini.

40 Esikhashaneni esedlule, bekukhona umfowethu othandekayo ofika ukuzongibona imizuzwana embalwa. Kungahle ukuba usesakhiweni manje. Angimboni. Kodwa

uthe, “Mfowethu Branham, ngiyalithakasela iZwi.” Lokho ngukuthi, iZwi! IZwi liyamiswa. Kuyinto ukuthi . . . Awukwazi ukuba nokukholwa nje ngaphezu kokuthile omunye umuntu akushilo. Kufanele kube nesisekelo. Futhi yisiphi esinye isisekelo ebesiyoba ngesihle kakhulu kuneZwi likaNkulunkulu na? Lapho, onke amazulu nomhlaba kuzodlula, kepha iZwi laKhe alinasiphelo nje njengePhakade. Liyoqhubeka futhi liqhubeke futhi liqhubeke, kuze kube phakade Liyofana. Qaphelani, uJesu . . .

41 Njengoba besizodingeka siphuthume khona ngqo endikimbeni manje, mayelana nenkonzo yesidlo. Futhi leyo yingxenye yethu. Yonke indoda manje, nowesifazane, umfana noma intombazane, obiza iGama likaJesu, lungisani izinhliziyo zenu manje, ukulungiselela isidlo sakusihlwa seNkosi. O, kuyinto enhle kakhulu. UNkulunkulu wathi, uJesu Kristu wathi, “Uma wena . . . Odla inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuphakade, futhi Ngiyomvusa ngosuku lokugcina. Kepha ongadli, akanasabelo naMi. Futhi odla futhi aphuze ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele ukulahlwa kwakhe uqobo.” Isikhathi esinje pho! Manje asilungiselele lona omkhulu, umcimbi omuhle kakhulu, emizuzwaneni embalwa. Okunye okukhulu kunakho konke ukuthi, ngiyacabanga, esinakho etabernakele, ngubusuku besidlo.

42 Manje, ezinsukwini zasekuqaleni zenkonzo yeNkosi yethu lapha, Wayengene eKapernawume, ngiyacabanga, futhi. “Futhi Wahlala phansi, ngeSabatha, ethempelini. Nomfundisi wethempeli waMnika umbhalo ogoqwayo ukuba afunde.”

43 Uma niqaphela, sinamanye amasiko afanayo. UJesu, Wayeyofunda imiBhalo, bese ebhekisela ukufundisa kwaKhe emBhalweni. Kwakuphambene ngezinye izikhathi kulokho abantu abangamaJuda ababecabanga ukuthi kwakuyikho, kodwa, nokho, ubani—ubani owayengaMmangalela na? WayeyiNkosi yeNkazimulo.

44 Futhi Wafunda phakathi Lapho lapho u-Isaya athi:

> Ungigcobile *ukuba ngimemezele umnyaka omuhle weNkosi.*

45 Futhi khona-ke Esekwenzile lokho, Wavala, futhi wasonga umbhalo ogoqwayo, wase ewubeka phansi; waphendukela kubantu, wayesethi:

> *Namhlanje* le*lizwi* li*gcwalisekile* phambi kwenu.

46 Manje, u-Isaya, iminyaka eminingi engamakhulu, mhlasimbe phakathi kwamahlanu neminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kwalokhu, wayeprofethe ngaphansi kokuphefumulelwa, ukuthi uKristu, lapho Esefikile, Wayeyogcotshwa “ukuba amemezele umnyaka omuhle weNkosi.” Khona-ke kwakufanele kube ncamashi nje

ngaleyondlela, ngokuba uNkulunkulu, ngomprofethi waKhe, wayekhulume iZwi laKhe, futhi iZwi laKhe lifanele lifezeke.

47 Njengoba besinakho kulokhu ukusa, ku-Isaya, ukuthi abantu . . . Nakuba uJesu enze imisebenzi eminingi yamandla ngaphambi kwabo, nokho, kabakholwanga, ngoba uIsaya wathi, "Ngubani okholwe ngumbiko wethu na? Ingalo yeNkosi yembulwe kubani na?" Wathi, "Banezindlebe kepha kabezwa, futhi banamehlo kepha kababoni. Futhi ukuthi bangaphenduka." Ngoba u-Isaya washo lokho, khona-ke abantu kabaqondanga izimangaliso nezinto uJesu ayezenza ngaphambi kwabo. Niyazi yini, leso siprofetho esifanayo . . . ?

48 Qaphelani, isiprofetho siyaziphinda ngokwaso. Benazi ukuthi amaZwi kaNkulunkulu aphinda, agijima ngemiyingilizo na? Isibonelo nje, ngesinye isikhathi emBhalweni, ngafunda ngaleya, futhi ngangizama ukuba ngifunde emphethweni, konke ezansi eBhayibhelini, lapho kwathi ku-Is- . . . kuMathewu, isahluko 2, lapho, noma, isahluko 1, ngiyakholwa, kwathi, lapho kwagcwaliseka khona ngeNkosi, ngomprofethi, "Ngabiza iNdodana yami iphume eGibhithe," kukhulunywa ngoJesu ebizelwa ngaphandle eGibhithe. Kwaphinde kwabhekiselwa futhi e, lapho uNkulunkulu ebizela u-Israyeli ngaphandle, ngokuba u-Israyeli wayeyindodana yaKhe. Futhi umBhalo abawu . . . uMathewu wayebhekisela e, kwakuyiwona kanye umBhalo Abiza khona indodana yaKhe, u-Israyeli, aphume eGibithe, Waphinda wabiza iNdodana yaKhe, uJesu, aphume eGibhithe. Niyabo?

49 Futhi lemiBhalo, kulobubusuku, esiyifundayo Lapha, igcwalisekile futhi ezinsukwini zabeZizwe. "Banamehlo kepha kababoni. Banezindlebe kepha kabezwa." Futhi uNkulunkulu wenza izimangaliso nezibonakaliso nezimanga, futhi abantu kalula nje bavala amehlo abo kukho, ngoba isiprofetho sishilo ukuthi kuyoba ngaleyondlela.

50 Manje, uJesu waprofethwa, ngu-Isaya, "ukumemezela umnyaka omuhle." Yilokho esifuna ukubhekana nakho, kulobubusuku, manje. Manje, "umnyaka omuhle," wawuyilokhu, ukuthi, phakathi nesikhathi, phakathi kweminyaka eminingi kakhulu. *Umnyaka omuhle* ngunyaka obizwa ngokuthi, emiBhalweni emiDala, "unyaka wejubili." Ufika njalo . . . ngikholwa ukuthi wawuphakathi kokuthi . . . Njalo eminyakeni eyisikhombisa kwakungunyaka wejubili.

51 Futhi njalo eminyakeni eyisikhombisa babeyekela umhlaba uphumule. Babengatshali zithelo kuwo, noma qhabo . . . abatshalanga zitshalo. Bayekela izitshalo zabo, ensimini, ziphumule, njalo eminyakeni eyisikhombisa; futhi ngaleso sikhathi kwakuyijubili.

52 Futhi ngaso sonke isikhathi lapho kwakukhona isigqila esithengisiwe, noma umHebheru, indoda yayithengise ngabantwana bayo ebugqileni . . .

53 Manje, lokho kuzwakala njengento esabekayo, kodwa ngama ubusuku obumbalwa obedlule futhi ngabhekisisa into efanayo yenzeka. Ngenkathi, amadoda ayezoletha amadodakazi awo, abesifazane abasebasha, babafake emakethe yezigqila, futhi babahhundule, futhi babathengise lapho ukuba babe yizigqila. Omunye wabafo owayephakathi, hhayi eqenjini lethu, kodwa wayejoyinene nathi lapho, wathenga inenekazi elithandekayo eliselincane, ngesamba samadola angamashumi amathathu nanhlanu, futhi wathola u—ukubhala emthethweni, njengoba uthola itayitela emotweni. Ezinye sathengiswa ngamadola ayishumi. Ezinye nje kwakuphiswana ngazo. Futhi kanjani ukuthi, kunoma iyiphi indawo lapho iGama likaJesu Kristu alisikho ukuhlonipha, isidalwa esingumuntu nabesifazane abasabi ngaphezu kwezilwane.

54 Futhi besifanele simdumise kanjani uNkulunkulu ngenxa yezwe esiphila kulo, ngenxa yesimo sokuziphatha nezinto. Kuyihlazo ukuthi siziphatha kanjani izinto esinazo, izinkululeko zikaNkulunkulu.

55 Manje, babethengisa ngesigqila. Khona-ke le—lentombazane lapha, manje, ingaphuma futhi ibe ngunkosikazi, noma ingaba yincekukazi. Bayayidayisa; bukani amazinyo ayo, bukani ukuthi inamandla kangakanani, kungakhathaleki ukuthi ingakwazi ukusebenza noma qhabo, noma uma iyintombi nto noma qhabo, nokunye nokunye. Futhi ungawathenga, uthola amaningi ngangokufuna kwakho, amaningi ngangongakwazi ukuwanakekela, amaningi ngangongakwazi ukuwakhokhela.

56 Futhi, manje, into efanayo yayisezinsukwini zeNkosi, lapho bethatha isigqila futhi basithengisa. Khona-ke, njalo eminyakeni eyisikhombisa kwakubakhona unyaka wejubili ofikayo. Manje, lesi kwakuyisikhathi esihle kakhulu, futhi sinokubaluleka okukhulu kubantu banamuhla. Isikhathi esihle kakhulu!

57 Manje, izigqila zaziba sensimini, noma ngabe yikuphi lapho zazikhona, emsebenzini, bese kuthi-ke mhlawumbe zibhensile ngaphansi komthwalo wenduna, umnikazi. Futhi wayeyinkosi egcwele nobasi phezu kwazo, ngoba wayenephepha elisemthethweni elibonisa ukuthi lesi sigqila singasakhe. Wayesiphatha njengehhashi, noma yini ayeyifuna. Kwakuyisigqila sakhe.

58 Kodwa, khona-ke, njalo eminyakeni eyisikhombisa, kwakungumthetho kaNkulunkulu, ukuthi kwakukhona unyaka wejubili. Futhi lapho lonyaka wejubili ufika, khona-ke umpristi wayegibela ezweni, ebetha icilongo, futhi sonke isigqila esasithengwe ngentengo, futhi saba yinceku, sanikezwa ilungelo

lokukhululwa, sibuyele ekhaya futhi, emuva kwabathandiweyo baso. Wayehlengwa abuyele emuva, ngomusa. Wayengadingeki akhokhe noma yini. Abathandiweyo bakhe abadingekanga ukuba bakhokhe noma yini. Kwakuyisenzo sikaNkulunkulu. Isiboniselo esihle kanje pho!

59 Namuhla, lawo madoda nabesifazane, ezweni lakithi nakwezinye izindawo, bazithengise bona uqobo esonweni, ukuphuza, ukugembula, ukugonxa utshwala, ukwenza izinto abebengafanele ukuzenza, futhi baba yizigqila kudeveli. Abanye . . .

60 Ngahlangana nenenekazi elincane, lapha kungekudala. Lathi, "Mfowethu Branham, benginganikela nganoma yini ukuba kuphela bengingagqashula lelibhandle likagologo." Lathi, "Ngaqala lapho ngangiseyintombazanyana, ngahamba nomfana owayephuza. Saqala ukuxuba iziphuzo, futhi ngiba yisigqila esiphelele kukho. Uma ngingenawo," lithi, "Ngiyasangana nje. Uma bengingakwazi kuphela ukuyeka lokhu!"

61 Ngathi, "Awukwazi ukuzenzela wena ngokwakho, kodwa ngiyamazi uMuntu othize Ongakugqashulela khona. INkosi uJesu Kristu ufikile ukuzokukhulula."

62 Manje, uma nizoqaphela, ngesifanekiso, ukuthi unyaka wejubili uphinda njalo njalo. Njalo njalo kukhona imvuselelo egadla ezweni; nje, imvuselelo enkulu yaseWelsh, ivaliwe kungekudala. Abantu . . . singahle sihambe futhi sibe noBilly Graham no-Oral Roberts ezweni lonke, ndawo zonke. Futhi kungenandaba ukuthi sizama kakhulu kangakanani, sizama kangakanani ukuhlela abantu bakithi ndawonye, futhi sibahlanganise, kuthatha uNkulunkulu ukuletha imvuselelo. Akunandaba . . .

63 Sizama ukuba nenhlangano yeChristian Business Men. Lokho kuhle. Manje bazama ukuba ne—nenhlangano yenhlanganisela yabefundisi bamahlelo ahlukene. Konke lokho kuhle. Kodwa, mfowethu, inqobo nje uma kusengumuntu nje, ngeke neze ibalelwe kunoma yini. Kodwa kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukuba ufike phakathi kwabantu!

64 Manje kulemvuselelo enkulu yaseWalsh eyaqala, leso kwakuyisikhathi sejubili kubantu baseWelsh. Lapho kwaqala, nje isigejana sabantu abangakwazi ukufunda nokubhala, beshumayela iVangeli nje. Futhi amandla nodumo lukaNkulunkulu luqala ukuwa, kuze kuba osomabhizinisi baye emsebenzini futhi bahlale edeskini labo, futhi bekhale izinyembezi njengezingane, futhi bavale eyabo imeet-. . . ibhizinisi labo. Abalimi ensimini babehlala emagejeni abo noma ekulimeni. Babemisa amaqembu abo futhi baphume ensimini, umugqa wezoni, futhi ziphakamise izandla zazo kuNkulunkulu, futhi zikhalele umusa. Abantu behamba

emigwaqweni, nandawo zonke. Amakhwela aqala ukushaywa, nakho konke okunye. Kwakukhona imvuselelo eqhubekayo.

65 Yilokho iMelika ekudingayo kulobubusuku. Ayidingi uBilly Graham, futhi ayimdingi u-Oral Roberts. Ekudingayo, kulobubusuku, nguMoya oNgcwele uhamba phakathi kwabantu, umemezela unyaka wenkululeko. Kunjalo. Ayidingi inhlangano entsha. Ayidingi uhlelo olusha. Into kuphela eyidingayo uMoya oNgcwele ukuba ungene ngamandla alahlana ngecala. Ubungashumayela iVangeli uze ube mpunga; ubungenza izibonakaliso nezimangaliso uze ube mpunga; ngaphandle uma uNkulunkulu ephuma phakathi kwabantu futhi engena emnyakazweni.

66 Ngani, ngenkathi leyo mvuselelo iqala, umfundisi wehlela endaweni lapho kwakukhona umgodi wesitamkoko owawunqamula umgwaqo. Futhi wawuthola . . . wamisa ihhashi lakhe, futhi wawelela kulomgodi wesitamkoko, wayesethi, "Nkulunkulu Mninimandla onke, lelidolobha lonke lonakalisiwe ezansi lapha." Wathi, "Ngoba wonke umuntu, owesifazane, umfana noma intombazane, onqamula ngaphezu lwalomgodi wesitamkoko, ukuba awe ngaphansi kokulahlwa ngecala ngoMoya waKho." Wahamba futhi wathola elihle, iqhawe elithembekile, walifaka ngaphansi kwaleyo ndawo, ukuba likhuleke. Uhlala phakathi lapho, imini nobusuku, ezila ukudla, ekhuleka.

67 Waqhubeka wangena edolobheni, wase ecela imvume ukuba acele isibusiso etafuleni, ngaphambi kokuba kuphakwe idina. Wathi, "Kulungile."

68 Futhi wama wayesethi, "Nkosi Nkulunkulu, bangela yonke indoda nawo wonke owesifazane ohleli kuleli tafula, ukuba eze ngaphansi kokulahlwa ngecala."

69 Futhi kwashiwo, futhi kwabhalwa ngamaphepha, ukuthi, "Amadoda ayedlula kulowomgodi wesitamkoko, futhi bamise amahhashi abo emgwaqeni, futhi baqale ukukhala izinyembezi futhi bekhala." "Amadoda nabesifazane babeza etafuleni bahlale phansi futhi bathole ukudla kwabo, futhi bakufuqele emuva, futhi babekhala izinyembezi futhi bakhale futhi baphenduke."

70 Lolo wuhlobo lwemvuselelo esiludingayo kulobubusuku, lapho uNkulunkulu ephumela khona phakathi kwabantu.

71 Singaqala umhlangano, senze izibonakaliso nezimangaliso. Ngiyakuqaphela lapha. Ngiyaphuma, futhi ngezinye izikhathi, emhlanganweni, impumputhe ibone, isithulu sizwe, abantu bafika ngapha futhi babuke, bathi, "Lokho kuyamangalisa." Lapho imvuselelo isingasekho, awusezwa ngabo nhlobo. Babuyele ngqo emuva ngaphandle, "Awu, yebo, ngiyakholwa kulokho."

72 Esikudingayo, kulobubusuku, akusiyena umshumayeli omusha. Esikudingayo uMoya oNgcwele, uphuma phakathi kwabantu, uhambe ubashukumise, belambile futhi bomele ukulunga. "Babusisiwe abalambele, bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Noma ngabe kukuphi, kuthatha uMoya oNgcwele ukukwenza.

73 Manje, kulezi zinsuku lapho laba bapristi . . . Bebengathatha indoda phandle lapho, futhi mhlawumbe ilima ensimini yommbila; ubasi ehamba ehla, eyibhaxabula ngasenqulwini, "Phuthuma ukhuphukele lapha! Ufanele uphuthume ukhuphuke nalokhu!"

74 Kodwa kuthi lapho nje lelocilongo lingabethwa, lowo muntu wayengaphonsa lelogeja phansi, athi, "Ngeke ngiphinde ngilime ngalo." Futhi leyonduna, lowo mshayeli wezigqila, wayenqatshelwe ukuba amthinte futhi, ngoba wayekhululekile. Ngani na? Wayekade ezwe izindaba ezinhle. Ijubili lalivulekile. Ukuhlawulela kwakwenziwe, futhi zonke izigqila zazingahamba zikhululeke.

75 Ngiyakhumbula, mina uqobo, o, he, ngenkathi ngizwa leyo izindaba ezinhle ziza enhliziyweni yami. Njengomfana omdadlana oyisoni elele lapha embhedeni wasesibhedlela, udokotela wathi, "Uneminye imizuzu emithathu ukuba uphile." Ngezwa umsindo uvela eZulwini, owangitshela ukuthi unyaka wejubili wawusuvulekile.

76 Ngamukela iNkosi uJesu, waqaqa onke amaketango esono, ngase ngithi kudeveli, "Ungeke usangilimaza, ngoba nginikele impilo yami kuKristu uJesu, futhi ungeke usangibhaxabula." Kusukela ngaleso sikhathi, uye wangisabisa, izikhathi eziningi. Kodwa akakwazanga ukungithinta kusukela ngaleso sikhathi, ngoba ungumkhohlisi nje. Ngiyasizwa isiswebhu sakhe siqhuma ngokuhlabayo futhi siqhuma, nokunye nokunye, kodwa akusizi ngalutho. Ngoba, ngeke angithole, ngoba ngingoweNkosi manje. Kunjalo.

77 Manje siqaphela lomfo, emva kokuba wayesekhululekile ukuba ahambe, waye, abuyele emuva ekhaya lakhe, abuyele kwabathandiweyo bakhe, abuyele kumkakhe nabantwana. Wayekhululekile. Wayengadingeki ukuba esaba yisigqila nhlobo.

78 Kodwa nansi inhlekelele. Uma leyondoda yayingafisi ukubuyela emuva, futhi yayifuna ukusala lapho, khona-ke lobasi wayenyukela kuyo, athi, "Ufisa ukuba usalokhu uyisigqila sami na?" "Yebo." Khona-ke babeyithatha bayehlisele ethempelini, bakusho phambi kwabantu, njengobufakazi basesidlangalaleni, wancikisa indlebe yakhe esigxotsheni, bese ebeka usungulo, futhi wayeyibeka uphawu endlebeni. Khona-ke yayingasoze yakhululeka. Yayidingeka ibe inceku inqobo nje uma isaphila. Ifanele iqhubeke nokukhonza lomshayeli wezigqila, inqobo nje

uma isaphila, uma yona ngokuzithandela yenqabe ukubizwa kwayo nethuba lokukhululeka.

79 Manje zilungiseni, umzuzwana nje. Eminyakeni engamashumi amane edlule, eUnited States of America, ibilokhu ibhonga ngaphambi kukaMoya oNgcwele, esebenza phakathi komuntu nabantu ngabanye, enikeza izibonakaliso nezimangaliso, nazo zonke izinhlobo zezimanga. Abantu abanyomuliwe, besuka ebufebeni, kubantu abangekho ngokomthetho, nokunye nokunye, futhi benziwa abamnumzane abahloniphekile namaKristu. Kube nalabo abakade bephuphuthekile, abamukele ukubona kwabo. Izindlebe eziyizithulu ziye zavulwa. Isikhathi esikhulu sejubili labagulayo nabahluphekile, labo abakade beboshwe ngudeveli! Kuzo zonke izindlela, noma ngabe ubegula, noma ngabe ubephuphuthekile, noma ngabe ubeyinyonga, kube nezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zezimangaliso ezenziwe phakathi kwabantu. Kube nemvuselelo ebiqhubeka njalo njalo, emabandleni, eminyakeni engamashumi amane edlule, yombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi sekufike isikhathi, njengesizwe, nakho konke, futhi njengabantu ngabanye, futhi njengamaqembu amabandla, siKwalile. Sihambile futhi saKwenqaba.

80 Manje ingxenye embi yakho ingukuthi, bangani, uma udabukisa uMoya oNgcwele kanye kaningi ngokuvamile, khona-ke usuweqile umugqa ohlukanisayo. Ufika endaweni lapho kungasekho khona ukuphenduka okukusalele, futhi uyobekwa uphawu embusweni wobumnyama, lapho ungasoze wabona khona iNkosi uJesu. Awusoze wabona ithemba lokuPhila, futhi uzobekwa uphawu ngaphandle unomphela naphakade. Isexwayiso esiqotho kanje pho! O, ngithemba ukuthi uMoya oNgcwele ukuzikisa enhliziyweni yenu.

81 Wena omi emngceleni. Wena oye wacabanga, izikhathi eziningi, "Ngingathanda ukuba ngumKristu ozinikezele ngokugcwele, uma nje ngingacabangisisa ukuthi ngikwenze nini." O, mfowethu, dadewethu, uyaqonda yini ukuthi leli kungahle kube yithuba lokugcina oyoke ube nalo ukuba ube yilokho na? Kungenzeka kube ubusuku bokugcina oyoke ube nethuba ukuba ube ikholwa elingumKristu. Kungenzeka, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ukuthi uwalile uMlayezo kaNkulunkulu okokugcina. Khona-ke uyoba, emehlweni kaNkulunkulu, ubekwe uphawu ekuhlubukeni.

82 Kuzoba khona kuphela izigaba ezimbili zabantu ezinsukwini zokugcina. Bobabili kubo uzogqoka uphawu.

83 Uphawu lukaNkulunkulu lingumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngaphandle kwethunzi lokungabaza. Ngashumayela lokho kungekudala, khona lapha. Ngosizo lukaMoya oNgcwele, neZwi likaNkulunkulu, lakufakazela, ukuthi uphawu lukaNkulunkulu ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

Kwabase-Efesu 4:30 bathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Ngaphandle koMoya oNgcwele, anibekiwe uphawu. Kodwa uMoya oNgcwele unguPhawu lukaNkulunkulu.

84 Bese kuthi-ke, ukuthi, bonke ongabekwanga uphawu ngoMoya oNgcwele, wathatha uphawu lwesilo. Futhi uphawu lwesilo luwuphawu lokuhlubuka, okungukuthi, ukunqaba uMoya oNgcwele. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

85 Khona-ke lapho unyaka wejubili, noma ukuqhuma kufika, labo bantu bamukela uMoya oNgcwele; futhi wena ngamabomu, ngokuzithandela uyaWala, uNkulunkulu akasaphindi, noma, hhayi ngaphansi kwanoma yisiphi esinye isibopho ukuba ake aphinde akhulume kuwe. Khona-ke uzobekwa uphawu ngaphandle, zonke izinhlobo ezindala zeTestamente eliDala, kuphela izifanekiso namathunzi eLisha. Futhi ukwenqaba uKristu, nokuMala, ukuthi Ungqongqothe emnyango wakho, usemgqeni wengozi yokubholwa endlebeni. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi uNkulunkulu uzobeka isisithezo phezu wezindlebe zakho, ukuthi awusophinde ukwazi ukuqonda futhi. Futhi ngeke wenze lutho kunokugxeka iVangeli inqobo nje uma usaphila; futhi ufe, futhi ulahleke njalo njalo. Isikhathi esinje pho, lapho kuseyisikhathi sejubili, lapho iminyango isavuliwe! Nike naqonda ukuthi lombhaphathizo ofanayo kaMoya oNgcwele . . .

86 Kade ngitadisha umlando emine eyedlule, eyisihlanu, iminyaka eyisithupha, ngoMoya oNgcwele, ukwazi ukuthi lesi sikhathi esivelayo manje kimi, sasiza; ukuthi ngangiyobeka eceleni izinkonzo zokuphulukisa zingezokuqala, okwesikhashana, futhi ngishumayele iVangeli. Kunjalo. Into yokuqala engadingeka ngiyenze . . .

87 Abantu bathi, "Kungani ungakwenzi *lokhu* na? Kungani ungakwenzi *lokho* na?"

88 Into yokuqala engangidingeka ngiyenze ngaleso siphiwo sikaNkulunkulu, kwakungukuzuza izinhliziyo zabantu. Uma ngingayitholanga inhliziyo yabo, bebengayikulalela. Manje uNkulunkulu ukuqinisekisile, futhi manje bayangikholwa. Bazibonile izinto ezishiwo zifezeka, igama ngegama. Babone amandla kaNkulunkulu ehamba futhi enza khona kanye nje. Manje lokho okushoyo, bazokukholwa. Manje into yokuqala engadingeka ngiyithole, yilokho ebengikhuluma ngakho, ngokuba uNkulunkulu uzongifumana nginecala ngakho ngoSuku lokwaHlulela. Lelo yiqiniso.

89 Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wehla, okokuqala kusukela ePhentekoste, eRashiya, iminyaka eyikhulu edlule. Kunjalo. Lowo ngumlando. Futhi baba nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi benza izibonakaliso nezimangaliso,

iminyaka eyikhulu edlule; futhi baWunqaba, njengesizwe, futhi baWala. Futhi ngenkathi benza, sebephendukele manje ekubeni ngumphiku-Nkulunkulu, abaphiki-nkolo, futhi babe ngamakhomanisi, abandayo, anenhliziyo enonya. Uma ungeke walalela uNkulunkulu, Uzokunikela emoyeni ozokulahla, uphendulelwe engqondweni ehlanekezelwe, ukukholwa amanga futhi ulahlwe ngakho. Yilapho iRashiya emi khona kulobubusuku, ilahliwe emehlweni kaNkulunkulu, ngoba yehlulekile ukwemukela umlayezo wejubili wombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Baphendulelwa engqondweni ehlanekezelwe. Bakholwa amanga, futhi balahliwe ngakho, emehlweni kaNkulunkulu.

90 Indawo elandelayo oWawa kuyo kwakuseTurkey, futhi abaseTurkey baWunqaba. Futhi babethelwa, futhi baqathazwa emithonjeni, nokunye nokunye, ngezinkemba ziphakeme *kanje*, labo bantu base-Armenia, nokunye nokunye, futhi babaceka ngamakhulu. Futhi bheka lapho iTurkey ikhona kulobubusuku. Iyedlulile!

91 Manje, mfowethu, iMelika isibe neminyaka engamashumi amane yokushumaleya kobupostoli okuyimfashini endala, unyaka wejubili. Futhi uma bengeke baWemukele njengesizwe, futhi ngiyesaba ukuthi ngeke bakwenze, khona-ke bayobekwa uphawu ngaphandle, ebumnyameni, ukuhlubuka okukhulu. Onke amahlelo ethu, onke alungile, kodwa, mfowethu, uNkulunkulu akabheki emahlelweni. Ubheka abantu ngabanye. UbuKristu abusilo ihlelo. UbuKristu bungukuphila umuntu ngamunye akuphilayo. Amen.

92 Ngolunye usuku, USHO KANJE UMOYA ONGCWELE kuvela eZwini likaNkulunkulu, ukuthi, "iMelika esemgodini, yala uNkulunkulu, futhi izomukela uphawu lwesilo ngokweSambulo isahluko 13." Futhi sihamba siyongena kukho. UNkulunkulu angededele noma yisiphi isizwe . . .

93 UNkulunkulu akakhethi sizwe. Akakhethi bantu. Ufuna noma ngubani othandayo. Futhi uma isizwe esisodwa sizoqhakaza futhi senze konke lokhu futhi sime, lowo mbuso uyohlala njalo njalo.

94 Kodwa wonke umbuso omkhulu womhlaba uzodilizwa ekufikeni kweDwala eliqheshulwa entabeni, kungengazandla, eliyophahlaza yonke imibuso yezwe ibe yizicucu. Futhi uKristu uzophatha futhi abuse, futhi ekubuseni kwaKhe akuyikuba nasiphelo. "IGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onamandla, UYise ongunaphakade. Futhi umbuso uyakuba phezu kwamahlombe aKhe, futhi uMbuso awuyikuphela." Lowo nguMbuso kaNkulunkulu oyakufika ngamandla nokubonakaliswa, kodwa konke okwezwe kuyobhidlika futhi kudutshulwe kube yizingcezu. BazoWenqaba. Izizwe ziyaWenqaba, amabandla ayaWenqaba,

abantu ngabanye bayaWenqaba; ukuze uNkulunkulu ahlulele izizwe, Angahlulela amabandla, Angahlulela abantu ngabanye. Ngokuba, indoda eza eQinisweni, futhi yehluleka ukuhamba eQinisweni, ngakho-ke yenze, ngokusho komBhalo, ithukile, noma yenqaba, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, futhi yedlula uSuku lokuHlengwa.

95 Bangane, uma uhambahamba lapha, nezinto ozitholayo . . . Sigqoka izimpahla zokugqoka ezinhle, izingubo ezinhle kunazo zonke. Abantu abagqoka kahle kunabo bonke emhlabeni ngamaMelika. Abantu abondliwa kakhulu kunabo bonke emhlabeni ngamaMelika. Bashayela izimoto ezinhle kunazo zonke emhlabeni. Banemali eningi kakhulu kanoma ubani emhlabeni. Kunjalo. Sinokuhle kunakho konke kwakho konke emhlabeni. Sinamanye amabandla amahle kunawo onke emhlabeni. Sinabanye abantu abangcono kunabo bonke emhlabeni. Futhi noma kunjalo, kukho konke kwalokho, isizwe sonkana, kancane kancane siyabaleka kuNkulunkulu, ngoba sikubeke phezu kwabantu ngabanye, sikubeke phezu kwamahlelo, sikubeke phezu kwezizwe.

96 Lapha kungekudala, ngabuza indoda, ngathi, “Ngabe ungumKristu na?”

97 Yathi, “Ngizokunika ukuba uqonde ngingumMelika. Ngingowesizwe samaKristu.” Awu, lokho akusho okunye kunalutho.

Enye intombazane, ngathi, “Ngabe ungumKristu na?”

98 Wathi, “Ngizokunika ukuba uqonde, nsizwa, ngokhela ikhandlela njalo ebusuku.”

99 Kwenza mehluko muphi ukuthi mangaki amakhandlela owokhelayo na? Kwenza mehluko muni ukuthi uphila kangakanani kulesi sizwe na? Kwenza mehluko muni ukuthi ungowaliphi ibandla na? “Uma umuntu engazalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ngeke awubone uMbuso kaNkulunkulu.” Leyo kwakuyindaba eyisisxwayiso seNkosi yethu uJesu Kristu.

100 Bangane bami, anazi ukuthi nginithanda kanjani. Anikuqondi lokho uma ngi . . . ukuthi angizami ukunithethisa ngoba nje ngimi epulpiti; Ngizobe nginiqinela.

101 Kodwa engikushoyo kini, kulobubusuku: Xwayani ngeVangeli! Balekelani kuKristu! Bekani eceleni zonke izinto! Ningamlindi uNkosazana Jones. Ningakulindi ukuba kuqale ebandleni. Kuqaleni kini uqobo, khona manje. Ngokuba isikhathi singahle sifike lapho uNkulunkulu eyokukhomba ukuthi ube yisigqila impilo yakho konke, esonweni obuboshelwe kuso isikhathi eside kakhulu. Kungenandaba ukuthi iyini intengo yakho!

102 Omunye wathi, kungekudala, wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham!" Lomuntu uqotho ngempela, lokho umuntu ayehlala kukho, ehlala esonweni. "O," wathi, "Ngiqotho. Ngikholwa iNkosi uJesu Kristu."

103 Ngathi, "Uma uqotho, khona-ke fakazela ubuqotho bakho. Yekela isono ohlala kuso."

"O," wathi, "uyabo, sihileleke kakhulu."

Ngathi, "Bengicabanga ukuthi ubuqotho."

104 Wena uthi, "Awu, ngina*lokhu* okumele ngikwenze. Ngina*lokho* okumele ngikwenze." Into esemqoka kunakho konke ongayenza ngukuza kuJesu Kristu, kungenandaba ukuthi uzokwenzani. Yini enye ebalulekile kuno—kunokuzalwa kabusha na?

105 Nonke ngamunye wenu uyazi ukuthi ngolunye usuku uyoba ngugebhezi nenqwaba yamathambo kulele ngaphansi kolunye ubumba ngapha. Kuqinisekile njengoba uhlezi lapha kulobubusuku, ubheke ngakulokho. Kunjalo. Ufanele ube qotho kanjani-ke na? Niyakuthola lokho engikushoyo na? Mhlawumbe ungahle uqale ehoreni kusukela manje. Ngalesi sikhathi ngonyaka ozayo, kungenzeka kungabi khona ngisho nesicubu senyama emathanjeni akho, ezinyangeni eziyishumi nambili ezilandelayo. Kungenzeka kungabi khona inhlayiya yokuphila emzimbeni wakho, emizuzwini engamashumi amabili nanhlanu ezayo. Bese kuthi-ke kusukela ngaleso sikhathi, kuze kube seminyakeni engapheli ishabalale, ayisoze ibe khona. Isimo ongena kuso, leso yisimo oyoba yiso kuze kube phakade.

106 Ngakho-ke uma usivivi, mfowethu, leyo yindawo enobungozi ongama kuyo, yisimo esiluvivi. UJesu wathi, "Phakathi kokuthi uyashisa noma uyabanda. Phakathi kokuthi ungowaMi, ngayo yonke inhliziyo yakho, noma umelene naMi." Uma nje uphila impilo enhle kakhulu, lokho akusoze kwasebenza. Izidwedwe zakho azisoze zama ngoSuku lokwaHlulela. Kunjalo.

107 Uthi, "Awu, ngingowebandla." Lokho akuhlangene ngalutho naKho. Ngikholwa ukuthi umele ube ngowebandla, lokho kulungile, kodwa lokho akuhlanganise lutho nensindiso.

108 Njengoba nje ngishilo kulokhu ukusa, indoda yaya ndawo zonke, izama ukuthola uJesu Kristu; Wayesevele esesenhliziyweni yakhe. Lezo zinto azenzile, ukumemeza nokukhuluma ngezilimi, nokunye nokunye, lezo zinto zilungile, kodwa lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zikaKristu elapho kuqala. Niyabo? Ufanele uthole uKristu lapha kuqala, khona-ke lezo zinto zizokwenzeka. Kodwa awukwazi ukwenza lokho, ngaphandle kokuba noKristu, bese kuthi-ke hlobo luni lwenkiyankiya ongena kulo na?

109 Manje, ngibone abahedeni bememeza. Kunjalo. Ngibone abantu bejikeleza futhi benze izinto ezibukeka zixakile, kuze

kube yilapho ubungenza, ungakholwa noma yini. Bathulule intambo iphuma esakeni, ka*njalo*, benza ukubhayizisa phezu kwayo, futhi intambo ime ithi mpo ngqo emoyeni. Bathatha imfezi enkulu, nayo ishaya, noma ngabe inamazinyo amade noma qhabo; baphonse isidwedwe phandle lapho, bese bebuka amazinyo amade ayo elenga ezidwedweni. Bajikeleze lapho, futhi badlale umculo omncane phezu kwayo, futhi besho isiqubulo, bese eyisonga ngasentanyeni yakhe. Leyomfezi imbhekile nje, yenza sengathi izogadla, bese-ke izibamba. Ungasondeli eduze kwayo; iyokubulala.

110 Futhi ngibabonile bemi phandle lapho behamba bedlula emibhedeni yomlilo, lapho amalahle eseshele phansi. Bakhumule lokho abebekugqokile, bahambe behle banqamule kulawo malahle omlilo ngaphandle kokwenza noma yini, kungekho kulimala nhlobo. Bangene esibayaneni esikhulu, beshaye, kugcwele ingilazi, futhi benamathela ka*njalo*; bagijime futhi begxuma kakhulu kukho futhi balale lapho futhi bagingqike bagingqike bagingqike, bese bayasukuma, ngaphandle kokusikeka kubo; bagxume baphindele emuva. Lokho ngukukholwa, kodwa, mfowethu, lokho akusiyo insindiso. Qhabo, mnumzane. O, ezinjalo, izindlela zobuqili udeveli anazo ukukhohlisa abantu.

111 Insindiso iludaba lomuntu ngamunye noNkulunkulu uMninimandla onke, ngoJesu uKristu iNkosi.

112 O, esikudingayo kulobubusuku, bangani, ngenye yaleyo mihlangano eyimfashini endala esasivamise ukuba nayo eminyakeni eyadlule, ukushanela isizwe sonke. Lapho, abantu baya ekhaya, baqondisa ikhaya labo, bakhipha u—ububi ekhaya labo, bamisa wonke umbhedo ngasekhaya. Ikhaya ngalinye, balenza laqonda emgqeni. Futhi bashiya ukuncishana kwabo. Bashiya ukukhohlisa kwabo. Bayeka ukuqamba kwabo amanga. Bahlalisana ngokwethembeka nangokuzotha; baphila ngendlela amaKristu abefanele aphile ngayo. Lolo uhlobo lwenkolo.

113 Futhi, namhlanje, i . . . lolohlobo lwenkolo olufanayo esinalo, seluchezuke futhi lachezuka kuze kube selenza ngephethini kakhulu kuze kube ngumbukiso weHollywood, cishe impela. Manje, niyazi lelo yiqiniso. Futhi singena endaweni, sihlele ibhendi enkulu yomculo, futhi kudlalwe umculo, futhi kuqhubeke, futhi senze sengathi, sizenza, amaKristu. Kodwa hamba kubo bese unqwamana nomunye kanye, bese ubheka ukuthi utholani. Niyabo?

114 UbuKristu bungubekezela, ukulunga, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Ngabe kunjalo na? "UKristu, lapho Ethukwa, Akaphindiselanga." Ngabe kunjalo na? UbuKristu ngukuphila umuntu akuphilayo. Isipiliyoni somuntu siqu. Hhayi . . .

115 Kodwa abanye bathi, "Ngakho *lo*mfo, ngiyazi *lo*mfo wenza *lokhu*. Ngiyazi anga—angakhulekela abagulayo futhi

bayosinda." Lokho akusho ukuthi ungumKristu. Ukukholwa kuzokwenza noma yini.

116 Futhi uma kuphela ubuzodlula endaweni, njengamaKristu, iqembu lethu elincane lapha etabernakele, nina nonke, uma kuphela beniyobona ukuthi labo bathakathikazi nabalumbi bazenza kanjani izimangaliso. Impela, bayakwenza.

117 Futhi banazo zonke izibonakaliso ubuKristu obuzivezayo, kodwa ngeke baba ngamaKristu. Qaphelani izimpilo zabo, lokho abakwenzayo.

118 Abantu khona lapho bahlalisana ngisho nabanye abesifazane, ukuphinga, njengenkolo, futhi labo bantu abafanayo benza izibonakaliso nezimangaliso. Hhayi e . . .

119 Kunento eyodwa abangenakuyenza. Kunento eyodwa nje engingakaze ngikwazi ukuyibona noma iyiphi inyanga mthakathi noma yini iyenza. Bangakwazi ukwenza izimangaliso, njengokwenza lentambo isukume. Bangakwazi ukugijima badlule emlilweni, bathakathe umlilo. Futhi bangazenza izinto ezinjalo. Kodwa abakwazi ukuphulukisa abantu. Lokhu kuxakile. Bangaqalekisa abantu, nezifo zizofika kubantu. Kodwa abakwazi ukususa isiqalekiso, futhi bababaphulukise.

120 Kube ngaleyo ndlela esikhathini seBhayibheli. Lapho oJane noJambre bamelana noMose, babengaletha izilonda namathumba, kodwa babengekwazi ukukususa. Babengaletha izimpukane nezintwala, kodwa babengakwazi ukukususa. Ngokuba, iNkosi yiYo Ephilisa abagulayo. Bangasina emoyeni, ngibabonile isikhathi esiningi. Bangaba nazo zonke izinhlobo zemiviliyelo, kodwa abakwazi ukuphulukisa abagulayo, noma abakwazi ukuphila impilo yobuKristu. Leyo yinto eyodwa abangakwazi ukuyenza.

121 Futhi ngakho kuba udaba lomuntu ngamunye, kuyo yonke indoda nowesifazane. Njengoba sibona zonke lezi zinto zamanga. Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi, "Imimoya emibili iyosondelana kakhulu, ngezinsuku zokugcina, ize idukise nabaKhethiweyo impela uma kwakungenzeka." Kunjalo. "OKristu bamanga, umoya wamanga uphakama, ukhombisa izibonakaliso, ukhohlisa abaningi." Kunjalo. Kodwa, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi. Umfokazi azisoze zamlandela." O, usuku olunje pho esiphila kulo! Nesikhathi sejubili sesithi asivalwe.

122 Lalela, mngane, kulobubusuku, uma ulapha ngaphandle kukaKristu, futhi awuMazi . . . Uqiniseke ngempela enhliziyweni yakho, uqinisekile ngakho, ngale kwethunzi lokungabaza ukuthi uKristu usenhliziyweni yakho, kulungile. Kodwa uma uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngaphuka futhi ngakhala kanye ngenkathi ngise-altare." Ungakuthathi lokho. Wena uthi, "Awu, ngizokutshela, Mfowethu Branham, ngi—

ngibe nesikhathi esimnandi, ngesinye isikhathi. Ngasina eMoyeni, kuyo yonke indawo." Ungakuthathi lokho. Niyabo? Wena uthi, "Awu, ngakhulekela umuntu, ngesinye isikhathi, wasinda." Ungakuthathi lokho.

123 Into ukuba wena uyithathe, ngukwazi ukuthi lapho uKristu esenhliziyweni yakho, lapho izivivinyo ezinkulu nezinkinga zifika, Uselokhu engomnandi kuwe. Hamba ngokufanayo nje. Uma konke kungahambi kahle, futhi wonke umuntu emelene nawe, futhi konke kuphendukela kulendlela, uselokhu umnandi futhi uthandeka. Kulungile. Uqhubeka ngqo. "Futhi wena, umoya wakho, uyafakazelana noMoya waKhe, ukuthi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu." Uma lokho kungenaneli emphefumulweni wakho, kulobubusuku, mngane, masingaphawulwa ngaphandle koMbuso kaNkulunkulu. Masingene eMbusweni kaNkulunkulu.

124 Futhi lapho umuntu esebekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, ubekwe uphawu kuze kube sekupheleni kohambo lwakhe. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa ngawo uphawu kuze kube uSuku lokuHlengwa kwenu."

125 Manje, sinesiko eliyimfashini endala lokubizelwa e-altare, ukuletha abantu benyukele e-altare. UNkulunkulu makadunyiswe ngalokho. Leyo yinto enhle eyimfashini endala ibandla leMethodisti elayiqala eminyakeni edlule. Futhi ibe ne . . . Kwakukuhle; kusekuhle nanamhlanje.

126 Kodwa akudingekile ukuba uze e-altare ukuze ube ngumKristu. Abazange babe nakho ngezinsuku zeBhayibheli. Bavele babababala njengamakholwa. Abazange benze ukubizelwa e-altare, sonke isikhathi, omnyakeni wobuphostoli, kwakungekho kubizelwa e-altare. Bathi, "Bonke abakholwayo wabhaphathizwa." Kunjalo na? Baba ngamakholwa.

127 Uma usukholiseke ngokuphelele ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi enhliziyweni yakho, manje, hhayi ekucabangeleni kwakho, kodwa, enhliziyweni yakho, iNto ethize inanela phansi lapho, wawusuthi, "Manje ngisindisiwe," yilokho kuphela okudingayo, khona lapho, mfowethu. Kuvume, bese uvumela amagama akho aphume. Bese-ke uqaphela; qaphela impilo yakho kusukela lapho kuqhubeke. Kungengaphezulu ukuthi ummbila ungathela ugudluthukela, kanjalo lowo muntu ubengathela izithelo ezimbi. Uzofanele athele izithelo ezinhle.

128 UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, akayi ekulahlweni; kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni." Lokho kungenxa yokuthi uyakholwa, hhayi ukucabangela, kodwa uyaKukholwa. Kuba umcabango enhliziyweni yakho. Into elandelayo, usuKuzwakalise njengokuvuma. "OzoNgivuma

phambi kwabantu, nami Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi kanye neziNgelosi ezingcwele." Khona-ke into ethize ibambelelisa okwehange. Lelo yiqiniso.

129 Kodwa lokho esikufundisiwe, mngane, kusiphonsele ngaphandle komugqa. Siye safundiswa, abantu beMethodisti bafundisa, ekuqaleni, bathi, "Mfowethu, lapho befika endaweni ababengamemeza khona, babenokungcweliswa, sebekwenze konke." Kodwa, uthola ukuthi, akusebenzanga kahle kakhulu. Kunjalo.

130 Lapho amaNazarene ebengamemeza khona, futhi aphakamise izandla zawo, egijima phansi naphezulu phakathi nesikhala sezihlalo, bathi, "YiLokho-ke." Futhi abaningi babo bamemeza futhi bagijima phansi naphezulu phakathi nesikhala sezihlalo, baphuma futhi baphila noma yiluphi uhlobo lokuphila, kanjalo bazi ukuthi kwakungesiKhona.

131 IPhentekoste liyafika, lapho uNkulunkulu eqala ukubuyisela emuva iziphiwo, ebandleni, baqala ukukhuluma ngezilimi. Bathi, "Lokhu yiKho. KunaKho manje. Sonke sihlelekile." Kodwa bathola ukuthi babengenaKho. Kunjalo. Abantu bakhuluma ngezilimi futhi baphile noma yiluphi uhlobo lokuphila.

132 Mfowethu, okuyikho, qiniseka! Manje, ukumemeza kulungile. Ngiyakholelwa ekungcwelisweni; yebo, mnumzane, hhayi okwami, kodwa okwaKhe. Niyabo? Kunjalo. Hhayi ubungcwele bami, kodwa obaKhe. Lapho Yena, uMoya oNgcwele, efaka ubungcwele baKhe lapha, ngubungcwele baKhe, hhayi obami. Ngiyisoni, kodwa UyiNkosi.

133 Manje, ngiyakholelwa ekungcwelisweni, ngiyakholelwa ekumemezeni, ngiyakholwa ukuthi umuntu ozelwe ngokusha uzonikeza uhlobo oluthile lokubonakalisa. Kunjalo. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholelwa ekuhunyushweni kwezilimi. Ngiyakholwa ekuphulukisweni kwabagulayo. Ngiyakholelwa ekuprofetheni. Ngiyakholelwa ekwenzeni izimangaliso. Kodwa zonke lezozinto ziyinto ethize elandela emva kokuba usumukele iNkosi uJesu Kristu.

134 Ebesizama ukukusho, "Uma ememeza, unaWo. Uma eprofetha, unaWo." Kodwa lokho akusikho akutholile. Ukukha i-aphula esihlahleni, akusho ukuthi unesihlahla. Niyabo? Unengxenye engahlukaniseki yesihlahla. Futhi yilokho okubangele inkathazo. Kodwa uma uKristu eke wavuthwa phakathi enhliziyweni, zonke lezi ezinye izinto ngokuzenzekelayo nje ziyenzeka.

135 Njengamanje kuza isikhathi sasebusika. Zonke izihlahla zizowisa amaqabunga azo ngaphandle komu-okhi. Uzobamba amaqabunga awo. Uma sekufika intwasahlobo, angamaqabunga amadala afile. Awudingeki ukuba uphume futhi ukhe amaqabunga ukuze amasha akwazi ukuvela. Nje yekela

ukuphila okusha kukhuphuke, futhi amadala ayaqathaka namasha ayavela.

Kungaleyondlela ngobuKristu.

136 Ukwamukela uJesu Kristu, aku. . . Ngezwa abantu bethi, "Awu, udumo kuNkulunkulu, ngake ngathuka. Ngangithuka isigqoko sisuke ekhanda lomuntu. Futhi ngiyeka ukuthuka, ngiyazi ukuthi ngingumKristu." Qhabo, awunjalo, ngalokho. Qhabo, mnumzane. "Ngake ngaphuza, futhi ngayeka ukuphuza." Leyo yinto enhle. Kodwa lokho into yokuziphatha, ukuthi *wena* uyekile.

137 Kodwa ukwamukela uJesu Kristu kungukwamukela uMuntu waKhe enhliziyweni yakho. Kukwenza ufe ezintweni zezwe, futhi uKristu uhlala kuwe. Niyabo? Ngokuphelele ubungakwazi ukuyeka ukuphuza futhi usalokhu ungakabi umKristu. Ubungagcina yonke iMiyalo eyiShumi futhi usalokhu ungakabi umKristu. Ngoba, uma iMiyalo eyiShumi ibikusindisile, uJesu ubengeke adingeke ukuba afe. Kodwa uJesu wafa ukuze Akunike ukuPhila okuphakade. Futhi yilokho okuyikho, nguMoya oNgcwele ohlala kuwe; hhayi ukugcina imithetho noma ukwenza izinto, noma into efana naleyo. Leyo yimisebenzi. "Awusindiswa ngemisebenzi; kodwa usindiswa ngomusa, ngokukholwa."

138 Khona-ke uma, enhliziyweni yakho, wamukele iNkosi uJesu, uhlalisene kahle naYe. Bheka emuva, impilo yakho. Ngizokutshela uhlobo lwamaKristu engithanda ukulubona. Uma behamba behla ngesitaladi, bathi, "Manje, buka, uyambona lowomfo eya lapho na? Manje, ungumKristu. Angisiye owebandla lakhe, kodwa, mfowethu, ungumKristu. Ngizokutshela, ngimbone ezindaweni ezinzima. Uyambona lowo wesifazane lapho na? Yebo, mnumzane. Awu, angahle angabonakali ethandwa ngabantu kakhulu phakathi kwabesifazane, kodwa ungumKristu. Ngiyakutshela, ungumKristu." Makuthi idolobha lonke lithi, "Nango umKristu." Bayokwazi. IBhayibheli lathi ubekwe uphawu.

139 Ngabe wake wabeka uphawu kunoma yini na? Bakuphakamisa *kanje* bese bebeka uphawu kukho. Bayalucindezela. Lusezinhlangothini zombili.

140 Bakubona uza, futhi bakubone uhamba. Ngabe kunjalo na? UngumKristu, ngapha nangapha, ubekwe uphawu ngoMoya kaNkulunkulu. Bayazi ukuthi wawuyini. Kunjalo. Ngukucindezela, ukuphawula, ukubeka uphawu. Lelo yiqiniso impela. Manje, yilapho-ke obekwa uphawu khona eMbusweni kaNkulunkulu.

141 Uma lelophepha like labekwa uphawu ngokusemthethweni, ngummeli wezivumelwano womphakathi, negama lakhe lisayinwe kulo, lisemthethweni inqobo nje uma kuyiphepha, mfowethu. Kunjalo. Ngabe lokho kuyiqiniso na?

142 Futhi uma umuntu eke wazalwa ngoMoya kaNkulunkulu, hhayi umzenzisi kodwa ogcwaliswe ngempela ngoMoya kaNkulunkulu, Umbeke uphawu phakathi lapho kuze kube uSuku lokuhlengwa kwakhe. Uzoba njengoKristu, namhlanje; uzoba njengoKristu, kusasa; uzoba njengoKristu, ngosuku olulandelayo. Ezivivinyweni, unjengoKristu; ezinkingeni, unjengoKristu; endlaleni, unjengoKristu; enjabulweni, unjengoKristu. Nomaphi lapho umbona khona owesilisa noma owesifazane, banjengoKristu, ngoba babekwe uphawu ngoMoya oNgcwele. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lowo akusiwo umoya wakho.

143 Mfowethu, dadewethu, ungadlali ngoNkulunkulu isikhathi eside kakhulu, ngokuba lesi sikhathi singahle sifike lapho isikhathi sejubili sidlula emnyango wakho. Khona-ke usuthathiwe wayiswa esigxotsheni sikadeveli, bese-ke ubholwa endlebeni futhi awusakwazi ukuzwa iVangeli elikhazimulayo futhi. "Uqonde ukuthini na?" Ngeke usaba namsebenzi naWo. Niyazi ukuthi ukuthuka uMoya oNgcwele kuyini na? KungukuWenqaba. Kunjalo.

144 Bamthuka nini uMoya oNgcwele na? Lapho benqaba uJesu uKristu. BaMbiza ngoBelzebule. Futhi yona kanye imisebenzi Ayeyenza, bathi, "Uyenza ngoBelzebule." UJesu watshela amadoda, ukuthi, lokho ababekwenzile. Babengakholwanga, nguYe.

145 Futhi uma umuntu enqaba ukukholwa iQiniso lapho iQiniso lethulwa kuye, futhi uyenqaba ukuLikholwa, ngakho-ke lokho kuyakuqeda. Lokho kuqinisekile.

146 Ngakho uma ungayazi iNkosi kulobubusuku, kungengaphezulu nje kwesinye isipiliyoni esincane obe naso. Uma ungayazi iNkosi njengothandekayo, onomusa, uMsindisi onothando; ungeke yini, kulobubusuku, khona manje na? Awudingi ukuba uze e-altare; ungakwenza uma uthanda. Kodwa uma ungaMazi . . .

147 Ngilaleleni umzuzu nje, uma ngifumane umusa emehlweni akho, njengomfowenu, uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe. Manje, ngibeka lokhu ukuba kuphathelane nomuntu siqu kancane, kepha ngikwenzela inhloso. Uma ukholwa ukuthi kade ngisekuxhumaneni noNkulunkulu uMninimandla onke, uma ukukholwa lokho, ngilalele manje. Ungavumeli ilanga liphumele kuwe kuze kuba into ethize ibambelelise okwehange enhliziyweni yakho, ukuthi ungumKristu, ukuthi uhlalisene ngokuthula nesitha sakho, uhlalisane ngokuthula noNkulunkulu.

148 "Ngakho lokhu sesilungisiswe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi uJesu Kristu." KwabaseRoma 5:1. "Ngakho lokhu sesilungisiswe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

149 Uma unobutha nomakhelwane othile, ngokumelene nomunye umuntu okulimazile, futhi lowo muntu ukulimazile; uma wena, enhliziyweni yakho, ungakwazi ukuthanda lowo muntu, ungasithathi leso sipiliyoni. Ufanele uthande labo abangakuthandi. Uma uthanda labo abakuthandayo, izoni zenza okufanayo. Kodwa unakho, manje, hhayi nje ukwenza sengathi yisenzo senkolo, kodwa kusukela enhliziyweni yakho ufanele ukwenze.

150 Lokho enginicele ukuba ningikhulekele, ngolunye usuku, noma kulokhu ukusa, ukwenzela mina. Ngithola kanjalo ngagxeka abantu, ngendlela abesifazane abagqoka ngayo, nezinto ezifana nalokho. Angifuni ukuba njalo, lokho akulungile. Manje ngiyakuvuma, khona lapha, ukuthi nginephutha. Futhi ngibone abefundisi bephuma futhi benza izinto ezingekho ngokomBhalo, futhi ngithi, "Manje lokho akulungile." Ngingubani mina ukuba ngibahlulele na? UNkulunkulu unguMahluleli wabo. Nkulunkulu susa lowomoya kimi. Ngivumele ngibe njengeNkosi uJesu. Ukuthi . . .

151 Futhi uma . . . leli yiqiniso, mfowethu, lalela, ngolunye usuku, ngolunye usuku, ungeke ube nethuba lokuba uphinde ube sebandleni futhi.

152 Lapho ngihamba futhi ngibuye, umkami ungitshela ukuthi, "Uyamazi u*Sbani-bani* na?"

"Yebo."

"Bewazi ukuthi bafile ngolunye usuku na?"

153 Lapha, umngane wami omdala, engangidlala naye, njengomfana, uWill Edgar King. Ungushomi wami, kusukela emfaneni omncane kwenyuke. Sibe ndawonye. Salala ndawonye. Saphila, sadoba ndawonye, njengabafana abancane, futhi sakhula. Futhi ngenkathi ngangiphesheya kwezilwandle . . . Esencane, insizwa eyisidlakela eyake yaphulukiswa, ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu, yayihamba ngqo ngapho futhi yafa khona lapho ngokuhlaselwa isifo senhliziyo. Ubani owayengake acabange, "Ngabe u-Edgar King"? Cishe iminyaka eyisishiyagalombili noma eyishumi emncane kunami, isidlakela, umfo osemusha, cishe amaphawondi ayikhulu namashumi ayisishiyagalombili, ehamba ngapho, isithombe sempilo impela; insizwa enonkosikazi omuhle omncane, abathathu noma abantwanyana abane, futhi nje waketuka. Wayengumthengi oyinhloko wazo zonke izitolo ezinkulu eningizimu. Isikhundla esihle, ikhaya elithandekayo, umndeni othandekayo, kodwa wathathwa *kanjalo*. [Umfowethu Branham ushaya iminywe yakhe—Umhl.]

Mfowethu, uNkulunkulu . . . Umphefumulo wakhe usezandleni zikaNkulunkulu olungile oyomnika uhlobo olufanele lesahlulelo.

154 Sihlezi lapha, kulobubusuku. UNkulunkulu uyazi lapho esiyoba khona ekuseni. Manje, uma ungalungisene noNkulunkulu . . . Ngenkathi sisakhuleka, khona ngqo enhliziyweni yakho manje; hhayi kimi, hhayi kubantu, kodwa enhliziyweni yakho, ngaphambi kukaNkulunkulu, yithi, "Nkosi Jesu, kade nje ngidlala. Kodwa, kulobubusuku, ngiyazizwela enhliziyweni yami ukuthi lesi yisikhathi engifuna ngaso ukuKwemukela ngokugcwele njengoMsindisi wami. Futhi kusukela kulokhu kuqhubeke, ngomusa waKho, ngizobuka ngqo eKalvari, futhi ngihambe impilo yobuKristu eqondile."

Singakhuleka.

155 Baba waseZulwini, esiMthandayo nesimethembayo, sazi lokhu, njengomfundisi, umpristi, bekhonzisa izinto zangokomoya kubantu, simi lapha kulobubusuku phakathi kwabaphilayo nabafileyo, sazi lokhu, ukuthi ngolunye usuku, ngale kwethunzi lokungabaza, ngizodingeka ngiphendule ngawo onke amazwi, esiHlalweni sokwaHlulela sikaKristu. Ngibona amadoda nabesifazane phakathi lapha, abantu abathandekayo, benza noma yini ebengingabacela ukuba bayenze, Baba. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngibona omunye umuntu oswele, futhi enenhliziyo enhle. Manje, Nkosi, kunzima, njengesidalwa esingumuntu, kanye nabo, ukuletha lawo mazwi asikayo, ukuthi, bafanele bamukele uKristu noma banqatshwe.

156 Baba, lokho kusiletha ekwazini ukuthi nginolumsulwa, uthando lobuNkulunkulu ngabo, hhayi into ethize eyobalimaza, kodwa into ethize ebathandayo, Phakade. Futhi ngibanikezele iNdodana yaKho, iNkosi uJesu, Ozoma esikhundleni sabo ngoSuku loKwahlulelwa.

157 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzokwemukela wonk'umuntu. Angikaze ngicele izandla ukuba ziphakanyiswe. Angizizwelanga ukwenza lokho, kodwa ngizizwele ukuthi kunabaningi lapha, Baba, ofuna ukuhamba eduzane naWe. Bafuna ukuzinikela, futhi bakwenza njengamanje. Ngokukholwa, ngiyakukholwa, Nkosi, ukuthi manje babeka eceleni wonke umthwalo omncane, futhi bathi, "Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngibona ukuthi impilo ichoboka kakhulu, empeleni, akukho okuningi kuyo, ngifuna ukuchitha konke enginakho ngenzela iNkosi uJesu." Futhi, Nkulunkulu, siphe lokho, kusukela kulobubusuku, bazohamba ngaleyondlela.

158 Futhi-ke, Baba, kwangathi labo bantu abafanayo bangahamba lapha futhi bathathe isidlo, kulobubusuku, manje, umzimba ophukile weNkosi uJesu Kristu. Bese kuthi-ke thina . . . Uma benza lokho ngenhliziyo eqotho, Wena wathi Uyobavusa ngoSuku lokugcina futhi ubaphe ukuPhila okuphakade. Siphe lezi zinto, Baba onomusa, ngokuba sizicela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

159 Angizukubuza ukuthi bangaki owenze ukwahlukaniselwa, kodwa ngiyakholwa abaningi benu bakwenzile. Futhi, mina uqobo, ngenzile enhliziyweni yami, "Nkosi, susa lowo moya okhononayo kimi."

160 Manje, angibagxeki abantu, ebusweni babo, kodwa enhliziyweni yami ngiyakwenza. Ngibona inenekazi lihamba lehla ngestaladi, ikakhulukazi *lelo*, futhi ngibona ukuthi aligqokile ngokufanelekile, ngithi, "Lokho akukubi na?" Enhliziyweni yami; angikusho, hhayi omunye umuntu. Ngemva kwakho konke, leyo yindaba yalo, linenkululeko yokuziphatha. Alinalungelo lokukwenza; uKristu wathenga impilo yalo; kodwa mhlawumbe lona aliqondi.

161 Ngakho, akusikho okwami ukugxeka; makube uNkulunkulu owenza lokho. Uma ngisepulpiti, ngizoshumayela iVangeli ngendlela engcono kunazo zonke engaziyo ukuthi kanjani, futhi konke okunye ngizokunikela kuNkulunkulu. INkosi inibusise, bangane.

162 Manje sizoba nenkonzo yesidlo, nje emizuzwini embalwa. Bangaki abakholelwa esidlweni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. Yilokho uJesu Kristu asicela ukuba sikwenze, wathi, thathani izingxenye eziphukile zomzimba waKhe, futhi kwenzeni aze ukuba Uyabuya futhi. Futhi uma wena okholwa ukuthi lokhu kuyiQiniso, futhi ungathanda ukuba nalesi sikhathi esincane senhlanganyelo nathi, ngaseZwini likaNkulunkulu lapha, besiyokujabulela ukuba—ukuba uhlale kanye nathi futhi—futhi ube nalesi sikhathi. Uma kungenjalo, sizophuma, nje emizuzwaneni embalwa. Singathanda wena ukuba uhlale nabo bonke abanye, empeleni, ukuze uzokwazi ukubona indlela esithatha ngayo isidlo. Lokho yikho kuphela . . .

163 Lokhu kungoko, futhi, ngokokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Niyakwazi lokho na? Lapho u-Israyeli edla isifanekiso, iwundlu, iphasika, bagongobala iminyaka engamashumi amane ehlane, futhi baphuma ngale komuntu oyedwa obuthaka phakathi kwabo. Cabanga ngalokho, kungekho muntu oyedwa obuthaka, iminyaka engamashumi amane. Isidlo, uphawu lwamakholwa.

164 Manje, kwabaseKorinte bokuQala isahluko 11, kuqala ngevesi 23, ngizofunda lokhu okwenzuzo yebandla. UPawulu ekhuluma.

> *Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini . . . lokho . . . nganinika khona* futhi, . . . *iNkosi uJesu ngalobo busuku . . . wakhashelwa wathabatha isinkwa;*
>
> *Futhi—futhi esebongile, wasihlephula, wathi, Thabathani,* futhi *nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*

*Kanjalo . . . wathabatha nesitsha, emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi* y*isitsha* e*siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni* nina*, ngezikhathi zonke* eni*siphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*

*Ngokuba* njalo *nxa* nenza*, nidla lesi sinkwa, niphuza lesi sitsha,* nina . . . *nimemezela* ngaphambili *ukufa kweNkosi ize* ifike.

165 Akumangalisi lokho na? "Nimemezela ngaphambili ukufa kwaYo ize Ifike."

*Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha seNkosi, ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.*

166 "Kusho ukuthini lokhu, Mfowethu Branham na?" Kusho lokhu: Uma uza futhi uthathe isidlo, futhi uphume futhi uphile uhlobo oluhlukile lokuphila kunalokho umKristu abefanele akuphile, uletha indumalo nehlazo embangeleni yeNkosi uJesu Kristu. Niyakuqonda na? Uma ungumKristu, woza. Uma ungesiye, ungakwenzi. Bukani.

*Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle* i*sinkwa, aphuze . . .* i*sitsha.*

*Ngokuba . . .* (ivesi 29) *Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele icala, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi.*

*Ngenxa yalokho baningi phakathi kwenu* abagulayo *na*babuthakathaka*, . . . baningana balele.*

*Kepha . . .* simele *sizahlulele thina, besingayikwahlulelwa.*

*Kepha nxa sahlulelwa, siyayalwa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

167 Uma sidla lesi sinkwa futhi siphuze lesisitsha, masizihlole, futhi sithi, "Manje, ngabe ngihamba ngokufanelekile na?" Awu, angihambi ngokufanelekile, qhabo. Kodwa uKristu, kimi, ungenza ngihambe ngokufanelekile. NgiyaMthanda. Ngifakaza ngaYe. Angiphelele; angisoze ngaphelela, kulelizwe. Awuphelele; awusoze waphelela. Kodwa uthando lwami kuYe, futhi Ungivumela ngiphilele Yena, futhi ngiyathanda ukukwenza futhi ngifakaze ngaYe. Angiphumi futhi ngigonxe utshwala, futhi ngenze izinto ezimbi, eziletha indumalo eGameni laKhe.

168 Ngoba, uma ngithola ukuthi ngenza okuthile, khona-ke ngiyayalwa yiNkosi. Kungani uNkulunkulu enza lokhu na? "Ukuze singalahlwa nezwe."

169 Manje, kukhona umehluko omkhulu phakathi kwekholwa nongakholwayo. UNkulunkulu wenza umehluko.

170 Khumbulani, amakholwa eGibhithe onke ayengaphakathi, (Ngaphansi kwani na?) ngaphansi kwegazi. Iwundlu labulawa. Futhi igazi lalo, ngehisophi, lafafazwa emnyango. Bukani lapho elabekwa khona. “Emshayweni womnyango,” leso yisigxobo somnyango lapha, ucezu lomnyango. “Emshayweni womnyango, nasekhothamweni.” Niyabo ukuthi kuyini na? Isiphambano, amakhulu eminyaka ngaphambi kweWundlu likaNkulunkulu lafika futhi lahlatshwa. Kodwa isifanekiso seWundlu, labekwa emshayweni nasemnyango. Futhi wonke umIsrayeli, eza ngaphansi kwalelogazi, wayengavunyelwe ukuba aphume futhi. Nakho lapho okhona ungavunyelwe ukuphuma. Babengaphansi kwegazi. Babengakwazi ukuhamba kuze kufike iziyalelo zokumasha, iziyalelo zokuya phambili; umfanekiso kaKristu.

171 “Nxa, ngokuba ngoMnikelo munye, Uphelelise, njalo njalo, labo abangcwelisiweyo kuKristu Jesu; kanye, unomphela.” Akusekho ukubuyela emuva, akusekho ukuhamba *lokhu*, akusekho ukwenza *lokho*. O, uzohlubuka, wenze izinto ezingalungile; vele uphenduke nje bese uza. Niyabo? Kodwa ngesinye isikhathi uKristu ungcwelisa umphefumulo womuntu, ngokumgcwalisa ngoMoya oNgcwele, upheleliswe njalo njalo. Nakho lapho okhona, asisekho isifiso sokuphuma. “Ngokuba isikhonzi, esesihlanjululiwe kanye asisenalo *uvalo*,” noma, “isifiso,” ukuhunyushwa okuyikho. “Isikhonzi, esake sahlanjululwa!” O, ngifisa sengathi bengingazikisa lokho kujule. “Isikhonzi,” ikholwa, “elake lahlanjululwa, alisenasifiso sesono, soze.” Kuxazululwe njalo njalo! “Ngokuba Uphelelisile, ngoMnikelo munye, njalo njalo, labo abakuKristu Jesu.” Izwe liba ngelifile, awusalikhathalele. Okuthandayo kwakho kubekwe ezintweni zaPhezulu.

172 Manje, uma uthi ungumKristu, futhi usaphila ukuphila kwezwe, khona-ke uyayalwa yiNkosi, ngoba awufanele ulahlwe nezwe. “Ngakho-ke, lapho nihlangana ndawonye . . . ”

> *Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa* ni*buthana ukuba nidle, anolindana* omunye. (Bhekisisani.)
>
> *Futhi uma omunye elambile, akadle ekhaya; ukuba* ni*ngabuthaneli ukulahlwa. Kepha okuseleyo . . .* Ngizo*lungisa mhla ngifikayo.*

173 Niyaqaphela uPawulu lapha. Labo abaseKorinte, abakutholanga. Bakhuphukela lapho, futhi badla futhi badakwa etafuleni leNkosi. Futhi bayadla futhi baphuze, benza konke okungalungile. UPawulu wathi, “Nxa nibuthana, uma umuntu elambile, makadle ekhaya. Kepha nxa nibuthana, anolindana.” Ngamanye amazwi, “Lindanani.”

Wena uthi, “Manje, nangu umfowethu engingacabangi ukuthi ubefanele athathe isidlo.” Awu, ungagijimeli phezulu lapho futhi umdluthule umkhiphe; yiba nesineke naye. Ngemuva

kokuba inkonzo isiphelile, ngendlela enomusa, woza ngapha endlini yakhe ngobunye ubusuku futhi uhlale phansi, uthi, "Mfowethu, mina . . . Ngithethelele uma nginephutha. Kodwa ngikubone ezansi lapha, ngolunye usuku, esitaladini, udakiwe," noma ngabe yini ayeyenza, "phandle nelinye inenekazi ebelingesiye umkakho, futhi uthatha isidlo. Ngiyakuthanda, mfowethu. Makuthi—makuthi mina nawe sikhuleke phezu kwalento futhi siyiqondise." Niyabo? Lindanani. Yibani izinceku komunye nomunye. Ungabi mkhulu kunomunye umuntu. Zama ukubona ukuthi ungabamncane kanjani.

174 Ngizwe izikhathi eziningi, bethi, "Ungalinge ube mkhulu emehlweni akho." Uma umkhulu, makube semehlweni kaNkulunkulu. Yiba mncane emehlweni akho. Yonke indoda ezithobayo, uNkulunkulu uyoyiphakamisa. Kodwa labo abaziphakamisayo, uNkulunkulu uzobathobisa. Niyabo? Yiba mncane.

175 Lomuntu uthi, "Awu, u . . . "

"Awu, ngiyazi kodwa ngi . . . ungumfowethu. Ngiyathanda ukuba yinceku yakhe, uyabo." Yibani izinceku komunye nomunye. Thandanani, ngendlela yokuthi, o, he, ukuthi u—u . . .

176 Sasivame ukucula iculo elincane. Angazi noma niyalikhumbula yini manje. Singacula:

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yomqondo wesihlobo somndeni
> Ifana naleyo yaPhezulu.
>
> Lapho sihlukana ingxenye,
> Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
> Kodwa siyolokhu sihlangene enhliziyweni,
> Nethemba lokuhlangana futhi.

177 Ngenkathi ngime ezansi lapho emigedeni yamathuna aseSaint Angelo, futhi ngabuka kulele lapho, konke ngakhona, imayela cishe, ngaphansi komhlaba, amathuna, lapho babemele bangcwabe abafileyo babo. Futhi khona nqo ekhoneni kwakungamathuna amancanyanyana, labo kwakungabantwana, lapho babeka khona abantwana ekhoneni. Futhi kwakukhona ibandla elincane phansi lapho, lapho babedingeka bacashe khona.

178 Ngehlela lapho esontweni elidala lesifundabhishobhi lamaRoma lapho babashisela esigxotsheni, babaphakela izingonyama. Ngahamba ngaphumela lapho maphakathi naleyo ndawo, futhi ngama lapho. Ngaqalaza. Ngangingakakuboni nokho. Konke ukungcola okwawela phakathi; futhi kwakukhona izindawo ezinkulu lapho izingonyama ziphuma khona. Ngahamba ngqo cishe lapho ngacabanga ukuthi mhlawumbe umgodi wezingonyama wawukhona, lapho

amaKristu afela khona. Ngaphakamisa izandla zami; ngama lapho. Ngathi, "O Jesu, ngiyisidalwa esingafanelekile, ukucabanga ukuthi abafowethu babeka uphawu ubufakazi babo lapha, ngomlomo wezingonyama, nokunye nokunye, ngenxa kaJesu Kristu."

179 Kwenzeka ngama, futhi ngabheka ngemva kwami, futhi omunye umuntu wayephakamise isiphambano esidala esimahhadlahhadla, eme ngale ngapesheya. Ngiqala ukuhamisha enhliziyweni yami, "Egqumeni kude le kwakumi isiphambano esidala esimahhadlahhadla, isibonakaliso esiluphawu sokuhlupheka nehlazo."

180 Kanjani ukuthi amadoda eminyakeni; izwe lonke lamantiswa yigazi leNkosi . . . abafel'ukholo beNkosi uJesu Kristu. Ngacabanga, "Encane kanje pho, into endala esiyiyo." Ngicabanga ngithatha uhambo oluncane lobuthunywa benkolo, mhlawumbe ufanele umele ukuhlushwa okuncane, omunye umuntu ekuhleka. Ngiba yibhola lezinyawo, ukuthi—ukuthi abantu bayangikhahlela nxazonke kaningi kakhulu. Lokho akwenzi nayimuphi umehluko. Bakhahlela nxazonke amadoda ngaphambi kwami. Benza izinto ezinjalo, futhi babiza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. NgineVangeli ukuba ngilishumayele; ngineNkosi engiYithandayo; nginomgomo ukuba ngiwenze. Futhi lapho sengifika ekupheleni komgwaqo, ngifuna ukuza, nani nonke, ngisho lokhu, "Ngilwe ukulwa okuhle."

181 Ngobunye balobu busuku, akungabazeki, ngizobe ngimi epulpiti, lapho ubuso bami buzophaphatheka, izindebe zami zizovaleka thaqa, futhi ngiyo . . . Bengihlala njalo ngifuna ukuhamba nginqamule ipulpiti kanjalo, ekhaya eNkazimulweni. Ngolunye lwalezi zinsuku, ngiyoshumayela intshumayelo yami yokugcina. Ngizokwenza ukubizela kwami e-altare kokugcina. Ngiyokhulekela umuntu ogulayo wokugcina. Ngifuna ukufa neBhayibheli esandleni sami, ngibiza iGama leNkosi uJesu Kristu. Yilwa ukulwa okuhle; uqede ibanga.

182 Bafowethu nodadewethu abathandekayo, noma yini ekhona, uma kukhona noma yini empilweni yakho, ephambene noKristu, asikuvume, yenyukela lapha manje futhi uthathe isidlo seNkosi; ujoyina izinhliziyo zethu ndawonye njengokuhlangana kunye kokukholwa komKristu, ukuvumela iNkosi yethu uJesu yazi ukuthi siyaYayithanda ngayo yonke inhliziyo yethu. Uzokwenza manje ngenkathi sisadlala na? (Futhi, Teddy, uma uthanda . . . )

183 Ngicabanga ukuthi beza ngezigaba. Ngabe lokho kunjalo, mfowethu na? [Mfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Manje uma abadala bezoza ngaphambili manje ukuba basisize, futhi bame lapha. Futhi niqalaphi, hlangothi luphi, Mfowethu Neville, *lolu* hlangothi na? [UMfowethu Neville uyaphendula.] Kulungile. Laba bazalwane manje, banenqubo lapha, yokuthi kanjani thina sonke singeke sidingeke size ngasikhathi sinye.

184 Futhi manje wozani futhi nithathe isidlo kanye nathi. Sizojabula ukuba nina nidle lesi sidlo sakusihlwa nathi. [UMfowethu Branham uyakhonzisa lapho isinkwa sesidlo newayini kunikezelwa. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

185 Ngiqinisekile ukuthi sonke singasho, kulobubusuku, ukuthi siyajabula ukuthi singamaKristu. Isenzo esisanda kusenza, sicishe sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ubudala. Ngaphambi kokumuka kweNkosi yethu uJesu, Wasiyala ukuba senze lokhu, futhi ukuba sikwenze aze Abuye futhi. Futhi Wasinika isiqiniseko seZwi laKhe uQobo, elingeke lehluleka, alisoze lehluleka. Wathi, "Odla inyama yaMi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuphakade, Mina ngizomvusa ngoMhla wokuphela," uJohane oNgcwele isahluko 6.

186 Lokho kunginika ithemba elinjalo, emva kokubona izinkolo zamanga zezwe; abakhonzi belanga, nabakhonzi bezithombe, nayo yonke imiqondo yabo yesidawa esingaphezu kwemvelo. Kodwa, nokho, ubona leliZwi, ukuthi aLehluleki kanjani! Futhi Lowo Ofakazisile ukuthi aLehluleki, usinike lesi sethembiso sokubuNkulunkulu saKhe, ukuthi Uyosivusa ngoMhla wokuphela.

187 Manje, kwizihambi esangweni lethu, kukhona okungaphezu kancane nje kulokhu kunalokho esisanda kukwenza nje. Ngizakukufunda, kuqala, kini, kuvela eBhayibhelini, kuJohane oNgcwele isahluko 13, ivesi 2, ngiqala.

> *Futhi sekudliwe, udeveli* use. . .*esekufake* phakathi *enhliziyweni kaJuda Iskariyothe, indodana kaSimoni, ukuba amkhaphele;*
>
> *UJesu ekwazi*. . .*uYise* use*nikele konke* esandleni *sakhe,*. . .*ukuthi wavela kuNkulunkulu, futhi wabuyela kuNkulunkulu;*
>
> *U*suka *ekudleni kwakusihlwa,*. . .*wabeka izingubo zakhe; wathabatha indwangu, wakhwica.*
>
> *Emva kwalokho* wathela *amanzi emcengezini, u*qala *ukugeza izinyawo zabafundi, wazesula ngendwangu abekhwice ngayo.*
>
> *Wafika-ke kuSimoni Petru:*. . .*uPetru* wathi *kuye, Nkosi, wena ugeza izinyawo zami na?*
>
> *UJesu waphendula wathi kuye, Lokhu engikwenzayo* manje *awukwazi*. . .; *kodwa* uyaku*kuqonda emva kwalokhu.*
>
> *UPetru* wathi *kuye, A*wu*soze wageza izinyawo zami naphakade. UJesu waphendula wathi, Uma ngingakugezi, awu*na*sabelo nami.*
>
> *USimoni Petru* wathi *kuye, Nkosi, akungabi yizinyawo zodwa, kepha*. . .*izandla ne*. . .*khanda.*

> *UJesu* wathi ku*ye, Ogeziweyo, ka*dingi ukugeza... ka*gcini ukugezwa izinyawo zakhe, kepha ugezekile wonke:...nina nigezekile, kodwa angisho nonke.*
>
> *Ngokuba emazi obezakumkhaphela;* kungalokho athi, *Anigezekile nonke.*
>
> *Esegeze izinyawo zabo, wathabatha izingubo zakhe, futhi...wabuye wahlala, wathi kubo, Niyakwazi yini engikwenzile* kini *na?*
>
> Ni*ngibiza nithi Mfundisi neNkosi: futhi* ni*sho kahle; ngokuba ngiyikho.*
>
> *Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu;* nina...*nifanele ukugezana izinyawo.*
>
> *Ngokuba ngininikile isibonelo, ukuba* ne*nze nani njengokuba ngenzile* kini.
>
> ...*uma* nazi lezi zinto *nibusisiwe* futhi *uma nikwenza.*

188 Futhi kube ngumyalo wetabernakele lapha, e—esikhathini seminyaka engamashumi amabili nento lokuba khona, ukuthi besilokhu senza umkhuba wokugezana izinyawo. Abantu beBaptisti bakwenza ngaphambi kwePhentekoste; IPhentekoste lakucosha ezinsukwini zalo zangasekuqaleni; base-ke bekuqhubeza. Nathi sinjalo, kulobubusuku, njengoba njalo sigcina lomyalelo.

189 Sinegumbi, lapha, elibizwa ngegumbi lomkhuleko. Amanenekazi angena kulelo, ukugcina lesi simiso esikhulu uNkulunkulu asishiya naso.

190 Futhi amadoda angena egumbini, emkhulekweni... kulelihhovisi *ngapha*, ihhovisi labadikoni. Futhi sigcina ukugezana izinyawo.

191 Futhi wena, sihambi, okanye nathi kulobubusuku, hhayi isihambi, kodwa isakhamuzi sakithi soMbuso, uma ungakaze ukugcine lokhu, noma ngabe indoda noma owesifazane, sikucela ngemfudumalo futhi sikuyakumema ukuba uze futhi ujoyine lenhlanganyelo kanye nathi. Futhi uma ungakaze ukwenze ngaphambilini, singajabula ukuba nenhlanganyelo yakho kulobubusuku, okokuqala kwakho ngqa, kanye nathi. Noma kunjalo, uma ungazizweli ukuthi ufisa ukukwenza, into ethize ikunxusa ukuba uye ekhaya ngokushesha, noma into ethize, sifuna ukusho ukuthi sijabule ukuthi ubulapha kanye nathi namhlanje ebusuku.

192 Ngithi ukuxolisa ngokuphula intshumayelo yami, nezinto, indlela engenze ngayo, angisiyena umshumayeli kangako, kwasekuqaleni, bese kuthi-ke kuza ngohlobo olungalindelekanga, kukwenza kuthi ukuba nzima kimi. Kamuvanyana, mhlawumbe, iNkosi izongisiza kulezi zindaba.

193 Futhi mhlawumbe ngemuva kokubuyela emuva phandle entshonalanga . . . ngithemba ukuthi iNkosi inginika ukuphumula okuhle phandle lapho, ukuze ngikwazi ukubuyela emuva, futhi mhlawumbe ngoMfowethu Neville futhi ngibamba imvuselelo eyimfashini endala enhle lapha okobusuku obumbalwa, ekufundiseni iZwi.

194 Kukhona umuntu-mumbe, osandla kuhlangana nami namhlanje, ufuna ukubhaphathizwa ezansi emfuleni. Ngizojabula ukubhaphathiza noma ubani, noma yikuphi. Konke kulungile. Manje, si . . .

195 Namukeleke ngaso sonke isikhathi eTabernakele likaBranham. Asiyilo nanoma yiliphi ihlelo. Asimelene namahlelo, kodwa asisibo abehlelo nje. Ngakho, namukelekile ngaso sonke isikhathi. Asinanoma yibuphi ubulungu lapha. Sinenhlanganyelo nje komunye nomunye, ngenkathi, "IGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lihlanza kukho—kukho konke ukungalungi."

196 Futhi size sibonane futhi, kwangathi ukuthula nomusa kaNkulunkulu kube nomunye nomunye wenu. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzosusa ukugula phakathi kwenu, futhi uzoninika oluhle, uhambo oluphephile oluya ekhaya kulobubusuku, impilo enhle namandla okuqina, ngethemba ukubonana nani lapha ngoLwesithathu ebusuku.

197 Kuze kube yileso sikhathi, kwangathi umusa waKhe ungaba nani, sisamile uma nithanda. (Melusi, thola . . .) Umelusi lapha, uMfowethu Neville, uzosikhipha ngezwi lomkhuleko.

